# *ISAMBULO, ISAHLUKO SESINE INGXENYE I*

Amen. Mayibongwe iNkosi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . uqobo. Ngiyacabanga ukuthi leso yisimo sokuziphatha sabantu abaningi. Kuhle kakhulu kakhulu, udade osemncane lapho, lelo vesi lokugcina. Impela ngiyakuthakasela lokho. Futhi thina . . . singena ebusukwini boNyaka oMusha angicabangi ukuthi ubungacula noma yini engcono, noma yini efaneleke kakhulu ngalobubusuku.

2 Kubukeka sengathi siqala unyaka kahle; e-hhe, kuhle futhi kuneqhwa futhi kuyashibilika ngaphandle, isimo sezulu esifana nesase-Indiana ngalesi sikhathi sonyaka. Ngakho nina bantu abavela eGeorgia engibabona lapha, nasehla e-Ohio. Manje, Mfowethu Dauch, wena noDadewethu Dauch niyazi ukuthi lokho kuyini, njengoba ne-Ohio ifana. Futhi . . . kodwa, siya eZweni lapho okungeke kube khona okwalokho. E-hhe. Yileyo into.

3 Lobu ngubusuku boNyaka oMusha, usuku ngaphambi konyaka omusha. Futhi, kusobala, wonke umuntu unesifungo sibhaliwe nesithembiso ozosenzela uNyaka oMusha, ngakho-ke cishe ngosuku olulandela olwakusasa zonke zizophulwa. Futhi ngakho-ke, niyazi, niphenya ikhasi elisha unyaka nonyaka, bese-ke nijika nibuyele emuva ngokusa okulandelayo, nikwenze futhi.

4 Kodwa kunento eyodwa nje e—engingathanda ukuyisho, futhi leyo yileyo njengoba umPhostoli uPawulu asho, "Ngikhohlwa osekwedlulile, onke amaphutha ami nazo zonke izinto engizenzile, ngiphokophela emgomweni wobizo lwaphezulu kuKristu." Yilokho kuphela ukuzisola enginakho amaphutha ami onyaka osewedlule, futhi ingxenye edlule yempilo yami, futhi ngicela Yena kuphela ngokuthobeka ngomusa ukuba ngiphokophele emgomweni wobizo lwaphezulu. Ngiqinisekile ukuthi lobo ngubufakazi be—bethu sonke, sonke besingazizwa ngaleyo ndlela.

5 Uxolo ukuthi ngubusuku obubi kangako futhi—futhi abantu abakwazanga ukuza. Futhi ngishayele ucingo uMfowethu Neville, bengingazi ngisho noma ubengafika lapha noma qha. Bese kuthi-ke uMfowethu Skaggs uyaqhamuka, futhi uvela ezansi le eKentucky lapho owesifazane engamafidi amathathu noma ngaphezulu ezansi phakathi lapho. Futhi ngakho . . . Noma, "Cishe ka*nje*," wathi, ngakho-ke ube nomlimi emdonsa amkhiphe amahlandla athi awabe mabili ngaleya kwegquma

ngogandaganda. Futhi ngakho-ke ngacabanga, “Awu, uma kungamayintshi amabili noma amathathu nje, asikhathazwa yilokho, e-hhe, inqobo nje uma kunjalo.” Kodwa imigwaqo kuyadlulela kuyo futhi wonke umuntu uyaqhubeka.

6 Manje, kusobala, kulobubusuku ngubusuku lapho esizwa khona izinhlobonhlobo zabefundisi, abehlukahlukene ongenayo. Futhi cishe bazobe befika ngokuqhubeka ngezingxenye ezahlukahlukene kulobubusuku, kwenyuke kuze kube phakathi kwamabili. Ngiyacabanga ukuthi bazohlala futhi babukele uma . . . uNyaka oMusha ukuba uhambe . . . ungene, futhi omdala ukuba uphume. Futhi ngokuvamile beza ngase-altare futhi bakhuleke futhi—futhi benze izifungo zabo kuNkulunkulu futhi bavuselele izifungo zabo—zabo.

7 Ngatshela uMfowethu Neville . . . Futhi ngimshayele ucingo ukuze ngibone uma ebezoza. Ngathi uma engezanga, ngizozama ukuqhubeka ngobekusemandleni ami. Futhi-ke uma engakwazanga ukufika lapha ekuseni, ngani, ngiyoqhubeka ukwenza konke lokho ebengingakwenza ngenkathi ebe—ebengekho lapha. Futhi ngamtshela ukuthi bengizozama kulobubusuku, ngicabanga mayelana nje nokuba cishe umlayezo wemizuzu eyishumi nanhlanu, noma okuthile. Futhi, siyanibona ninabanye abefundisi abaningana behlezi lapha, belindile.

8 Ngakho-ke ngangi . . . nakuba bengingaqala futhi ngiqhubeke nje kuleNcwadi yeSambulo, ngivele ngiqhubekele ezansi, ngicoshe isahluko 4 manje, ngiqalise. Futhi uma singasiqedi ngalesi sikhathi, ngesikhathi esilandelayo sizoqhubeka. Bese-ke siya kwele 5, nele 6, futhi njengoba nje singakwazi. INkosi isisize sikwazi ukusiqeda.

9 Ngifuna ukuthi, ngaphambi kokuba siqale, ukuthi kubekhona . . . ngibe nokuvakashelwa esikhashaneni esedlule okusuka—okusuka . . . UMfowethu Drummond Thom nomkakhe. Lona ngumama nobaba wakhe abahleli lapha kulobubusuku. Futhi basanda kubuya e-Afrika lapho bebenezinkonzo ezinkulu zokusindisa umphefumulo nezinkonzo zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Lelinenekazi elincane lamthatha . . . Ngiyakholwa indawo kagogo wakhe, ngolunye usuku, nokuba nenkonzo yasejele, futhi izoni ziza eNkosini, nakho konke. Bekumangalisa nje ukuthi uNkulunkulu uzisebenzisa kanjani lezo zithandani ezisezintsha. Zilapha manje eMelika okwesikhashana ukwenza ukuvangela okuthile.

10 Uma noma ngubani kini befundisi . . . Ngifuna ukubhalela uMfowethu Drummond i . . . UDrummond, mina, ya, ngiyalididanisa lelogama. Akalithathanga ngani nje igama elihle lesiNgisi futhi akhohlwe ngalo na? Asimnike nje inombolo, uthini, ngoba angikwazi ukuthola lelo, qha. Angicabangi ukuthi isigamu sethu singalithola. “Drummont,” ngiyacabanga, yindlela ekahle yokulibiza; noDadewethu Charlotte. Uma noma

ubani kini engathanda ukuba nabo, ngingathanda ngempela ukubezwa bengena ebandleni lakho.

11 Lelo nenekazi, loDadewethu Charlotte, ungumntwanyana nje. Ubenikeza ubufakazi phezulu lapho esikhashaneni esedlule, kuMeda, ngesehlakalo sakhe ababenaso e-Afrika, futhi ngiyakutshela bekuyi. . .Billy, kwabuyisa izikhathi zakudala; kuzwakale njengokukhuluma isiBhunu. Futhi ngakho-ke impi iyaqhubeka ezansi lapho njengoba injalo lapha.

12 Uma kukhona ongathanda ukuba noMfowethu Drummond okwe. . .noDadewethu Charlotte, okomkhankaso ebandleni labo, uma ungathanda, vele ushayele uMfowethu Tony Zabel ucingo lapho ku MElrose 7-3945. Uma ungathanda ukukubhala phansi, abanye benu befundisi, ngiyamncoma ngempela uMfowethu. . . Ngoba ungumshumayeli omuhle, umfana oqotho, odinga isiqalo ngempela, akwazi ukuqala. Futhi unesibindi, umfana olungile, futhi ngimthanda kakhulu kakhulu. Manje, khumbula, MElrose 7-3945. Futhi ngizoshiya lelikhadi elincane lapha, lapho ukuthi uma. . .Lelo yikhadi labo, futhi uma kwenzeka ungakwazi ukubhala inombolo phansi, kahle, ungeza ulicoshe, noma nganoma yisiphi isikhathi ngemva kwesikhawu phakathi kwezinkonzo ezahlukahlukene kulobubusuku. Futhi uthole inombolo yabo bese ubashayela ucingo uma ungathanda ukuba nabo kwelinye lamabandla enu okomhlangano, noma othile owaziyo ukuthi angathanda ukuba nabo, ngoba nje balwa impi yenkolo iMelika yonke.

13 Akuyona into leyo na? I-Afrika ifanele ithumele izithunywa zenkolo ngapha eMelika! Yile indawo abadingeka kuyo, khona lapha, kubi kakhulu kunanjengoba kunjalo ngaleya.

14 Ngakho-ke bangaki abajabule futhi abathokozile ukuthi iNkosi ikugcinile komunye unyaka na? Futhi nakho la sikhona, sikhuphukela ekupheleni komgwaqo. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzosithethelela sonke ngezono zethu nokwehluleka kwethu.

15 Manje, ngifuna ukusho lokhu ngaphambi kokuthi ngiqale. Ngiyafisa, kini ngamunye nonke, unyaka omusha onempumelelo nobusisekile nonempilo enginganifisela wona. UNkulunkulu abe nani! Kwangathi ningakhula kokubili ngokomzimba, nangokomoya, nangokwezezimali, nangokwezinto eziphathekayo. Konke uNkulunkulu angakuletha phezu kwenu, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza.

16 Manje ngibhekene nonyaka omusha, qobo lwami, uNkulunkulu kuphela owaziyo ukuthi kuleleni esikhathini esizayo. Futhi izinqumo zethu kufanele zenziwe khona. Sithole zonke izinto zethu. UMfowethu Jim, phezulu lapho, usekulungiselele manje, ngezimemo nezinto ezivela emazweni omhlaba, emhlabeni jikelele; ukubona lapho iNkosi ezosiholela khona. Futhi ngempela nginxusa imikhuleko yenu bantu,

nikhuleke ngenhliziyo yenu yonke ukuthi uNkulunkulu akasoze angivumele ngidukiswe. Ngi—ngi . . . Kunoma yini engifuna ukuba yiyo, ngubuqotho futhi ngingadukiswa neze. Futhi manje, ngibe nonyaka omuhle.

17 Izikhathi eziningi, abantu baqonda ngokungesikho. Futhi uma bethi, "Mfowethu Branham, u—u . . . awuyi ezindaweni njengoba ubuvame ukwenza, futhi njengoba kwenza abanye balaba befundisi, futhi banakho konke . . . " Ngi—ngifunde into eyodwa, ukuthi ukufunda isifundo esivela eBhayibhelini lethu nesivela eNkosini yethu, ukuthi uJesu wayengeyena unontandakubukwa. Wa—Wayeshoda ngalokho, Wayengenakho ukuba unontandakubukwa. Niyabo, Wa—Wayengesiyena unontandakubukwa, nhlobo. Futhi angikholwa ukuthi abafundi baKhe bangonontandakubukwa. Abakaze bazenze onontandakubukwa.

18 Yilapho engicabanga ukuthi sigeja kakhulu isikebhe namuhla, (Mhlawumbe nje umbono wami.) ukuthi, lapho sifanele sifuthe kakhulu ngayo yonke into, niyazi ukuthi kungani, ngicabanga ukuthi kubukeka sengathi kungumbukiso kakhulu kunokuba kunjalo ubungcwele.

19 Nike naqaphela ngokufika kweNkosi, labo abeYemukela ngempela na? KwakunguSimeyoni, akukho muntu owake wezwa lutho ngaye, kodwa wayefuna iNkosi. U-Ana oyimpumputhe, ethempelini. UJohane umBhaphathizi, ehlane. Futhi labo . . .

20 UJohane wangena ehlane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, akazange abonakale futhi waze waba namashumi amathathu; ehlane. Futhi amadoda anjalo akholwa ngasese, futhi bazigcina bethobekile, babebheke ukufika kweNkosi. Futhi abakaze baqhumise imihlangano yabo futhi bafanele bayifake emasayinini amakhulu ("Ihora! Isikhathi!") no—nokusakaza ngocingo nakho konke. Kulungile kulabo abafuna ukukwenza ngaleyondlela, kodwa, kimi, lokho akubonakali kunjengoKristu.

21 Ngiyazi ngesinye isikhathi abazalwane baKhe baMtshela, bathi, "Wena wenza lezi zimangaliso nezinto, kungani Ungenakukhuphukela lapha uye—uye eJerusalema na? Futhi sikhuphukela emkhosini wePhasika, memeza uKayafase umpristi omkhulu, nabo bonke labo, futhi ubazise. Kwenze phambi kwabo kanjalo, ukuze babone imisebenzi yaKho. Futhi manje, niyabo, yini oyizilazilela nesigejane sabadobi, nokunye nokunye, ezansi emfuleni, nalelozinga eliphansi labantu na? Yini . . . Kungani Ungasukumi lapha futhi ukubonise izwe na?" Niyabo?

22 UJesu wathi, "Ihora lenu lihlala likhona, ihora laMi alikafiki." E-hhe. Niyabo?

23 UJohane ngesinye isikhathi waye . . . UJohane umBhaphathizi, i—imBhalo yakhuluma ngaye eza. Futhi yathi,

"Lapho efika, ukuthi . . ." Ngani, u-Isaya wathi, cishe iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, "Kuyoba nezwi lomemeza ehlane." Futhi wathi, "Zonke izintaba zatshekedula njengamawundlu amancane, wonke amaqabunga ashaya izandla zawo, amagquma enziwa amathafa, namathafa enziwa amagquma."

24 Iziprofetho ezinjengaleso! Nicabangani befundisi ngalolo suku . . . Ngenkathi becoshe Lokho, kufanele ukuthi bathi, "He! Lapho lowo mphrofethi omkhulu efika, wonke umuntu uzomazi. UNkulunkulu uyovele elule emuva imipheme yasesibhakabhakeni, imihubhe yaseZulwini izokwehlela phansi, inqola yomlilo izokwehla, iqembu lomculo lezingelosi limphelezele emhlabeni."

25 Lapho efika, wayengumshumayeli omdala onobuso obunhlakanhlala nesiqephu sesikhumba semvu ezisonge ngaso, nesiqephu sesikhumba siyibhande. Mhlasimbe engakaze ageze; njalo ezinyangeni ezintathu noma ezine. Phandle lapho ehlane, waphuma, wama odakeni, eguqe wajula, eshumayela, "Phendukani, ngokuba uMbuso weZulu ususondele!" Akazange aye emadolobheni. Uma noma ubani wayefuna ukumuzwa, baphumela eJordani ukuzomuzwa yena, labo abafunayo. Wenzani na? Washukumisa isizwe, washukumisa umhlaba.

26 Kunokuzamazama okuqhubekayo abantu abangazi lutho ngakho. Ngenkathi uJesu efika, Akaze Azimele ngokwakhe phakathi kwabakhulu abaphakeme. Ufikela abaKhe uQobo, Ufikela labo ababeMfuna. Yilapho ukuzamazama okufika khona. Yilokho Akwenzayo namuhla. UMoya oNgcwele ufikela labo uNkulunkulu ababizile. Nakho ukuzamazama okukhulu phakathi kwabaKhethiweyo. Enkulu, into enamandla iqhubeka, kodwa izwe alazi lutho ngayo.

27 Bayacabanga, zonke lezi zinto ezinkulu eziyizimbali, nokusakazwa komhlaba jikelele, namathelevishini, nezakhiwo zamadola ayisigidi, nakho konke, lokho yilezo zinto ehamba kahle kakhulu. Lokho kuwubuwula emehlweni kaNkulunkulu. UNkulunkulu akabheki izinto ezinkulu. Lokho umuntu akubiza ngo "buwula," uNkulunkulu ukubiza ngo "kuKhulu"; futhi lokho umuntu akubiza ngo "kukhulu," uNkulunkulu ukubiza ngo "buwula." "KwaMthokozisa, ngobuwula bokushumayela, ukusindisa labo abalahlekile."

28 Manje, uJohane. Ucabanga ukuthi bathini na? "Kukhona uhlanya oludala laphaya, umfo omdala obukeka enobuso obuyinhlakanhlaka, ophuma ehlane ezisonge ngesikhumba semvu. Futhi, ngani, umi odakeni, engafake zicathulo, laphaya ohlangothini lwaseJordani, futhi eqhubeka phandle lapho. Ngubani owake wezwa into enjalo na?"

29 Lapho uJesu efika. "UMesiya, owazalelwa ngaleya esitebeleni, phezu kwenqwaba yotshani obomile, ne—

nezinkomo zehla zenyuka na? Futhi—futhi uqonde kanye nomama...Ivezandlebe, njengoyihlo...Umama wayezoba ngumama ngaphambi kokuba baze bashade, kungani, Wazalwa ngaphandle kwefindo lomshado ongcwele. Lowomfo na?" O, he! Niyabo? Kodwa KwakukuKhulu, abazange baKwazi nje. Niyabo? Abazange baKwazi.

30 Futhi likanjalo neVangeli namuhla "Khulu." Futhi iVangeli liyanyakaza sengathi Alikaze linyakaze ngaphambili, kodwa Linyakaza kwinsali. Kunjalo, libalungiselela.

31 "Wafikela abaKhe uQobo, abaKhe uQobo abaMemukelanga." Watshela abafundi baKhe, "Ningahambi ngezindlela zabeZizwe, kepha niye ezimvini ezilahlekileyo zakwa-Israyeli. Futhi, lapho nihamba, lowo onamukelayo wamukela Mina. Lapho ningena emzini, abayikunamukela, nithuntuthe uthuli ezinyaweni zenu nimuke. Futhi ngiqinisile ngithi kini, yibani ngabanozwelo kakhulu ngeSodoma neGomora ngosuku lokwaHlulela kunokuba kuyakuba ngalowo muzi." Futhi yonke yaleyomizi eyanqaba lawo madoda ilele emlotheni namuhla. Yonke eyawamukela, isamile njengombhoshongo. Kunjalo, niyabo. Uthatha isikhathi eside ukuphendula; kodwa uNkulunkulu uyaphendula, ningakhathazeki. Angiqali kulowo, angisoze ngangena eSambulweni. O!

> O, ngifuna ukuMbona, ngibuke ubuso baKhe,
> Lapho ukucula inguna phakade ngomusa waKhe osindisayo;
> Ezitaladini zeNkazimulo mangiphakamise iphimbo lami;
> Lapho zonke izinkathazo zedlula, futhi ekhaya ekugcineni, ngithokoze njalo njalo.

32 Ngiyakuthanda lokho. Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje. Ningathanda ukuma ngaphambi kokuba nikwenze na? Ngi—ngicabanga...IBhayibheli lathi, "Uma uma, ukhuleka, thethelela." Bangaki onesicelo ungathanda nje ukukwazisa nje ngesandla esiphakanyisiweyo na? Khumbulani, uNkulunkulu uyakubona, Wazi konke ngakho.

33 Baba wethu oseZulwini, sisondela ebuNgcweleni baKho baPhezulu eGameni leNkosi uJesu, lelo Gama elanele konke elanikezwa lapha phakathi kwabantu, ukuthi ngisho nemindeni yaseZulwini nasemhlabeni yonke yethiwe ngo "Jesu."

34 Futhi siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzokwamukela ukubonga kwethu. Kuqala, ukuqala, lo nyaka ofayo...njengoba siwukhipha kulobubusuku enkonzweni, ukuwukhipha sinikeza indumiso, ukutadisha iZwi laKho nokwazi ukuthi usho ukuthini u ISHO KANJE INKOSI. Zingaki izinto esingazibhala phansi ephepheni esifanele sibonge ngazo! Okuncane, ukuphunyuka okuyincingo esibe nakho kulonyaka, lapho uSathane engabe

uqede ngempilo yethu, kodwa Awukaqedi ngathi namanje. Ngakho-ke sisaqhubeka. Siyakholwa, Nkosi, ukuthi sazalwa kuphela futhi sakhuliswa kulomhlaba ukuhlonipha nokudumisa Wena.

35 Futhi siyakhuleka, Baba, Uzosithethelela kukho konke ukona nawo wonke amaphutha esiwenzile phansi ohambweni. Masikhohlwe amaphutha ethu kulobubusuku njengoba siwavuma, siwangcwaba oLwandle lokuKhohlwa, eGameni leNkosi uJesu, singaphinde siwambe futhi; kodwa manje sicindezela sibheke kulomgomo, waleyoNdoda ephelele, uKristu uJesu. Siphe khona kulobubusuku, Baba.

36 Njengoba izinceku zaKho zikhuluma, ngamunye wazo, kwangathi Ungazigcoba ngoMoya wokuPhila, futhi kwangathi bangashumayela sengathi abakaze ngaphambili, futhi balethe imiyalezo ebandleni kulobubusuku.

37 Futhi sibuthene lapha ngaphansi kwaloluphahla oluncane, esibonga ngalo, Nkosi. Siyabonga ngokuba nomlilo oshisayo ukuhlala eduze kwawo, ngophahla phezulu kwekhanda lethu, lokho konke kuyadingeka.

38 Ngokuba amagugu ethu awekho kulelizwe, lisezweni elizayo. Nkulunkulu, sibeke phezulu lapho lapho esikholwa khona ukuthi amasela ngeke agqekeze futhi aphange, futhi inundu ayilonakalisi, ngokuba amagugu ethu angukuPhila okuPhakade. Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uyosivumela sithande lokho zonke izinsuku zokuphila kwethu.

39 Senze izinceku ezifanelekile. Susa bonke ububi kithi, Nkosi, lonke ikamuva. Kubeke. . .Kwangathi kungasuswa zonke izimpande zenzondo nalolonke ulaka ezimpilweni zethu, ukuze sizithobe futhi sibe mnene phambi kwaKho. Siphe khona, Nkosi. Masibe nonyaka omkhulu kunayo yonke esake saba nayo namanje, kulonyaka ozayo. Siphe khona. Siphe manje, kulobubusuku, okweZwi laKho njengoba siqhubeka nokulinda imiyalezo yaKho. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen. Ningahlala phansi.

40 Manje, kuthi ukuba nzima kimi ukubona lelo washi elikhulu ngalapho, futhi angifuni ukugcina abazalwane bami belindile, ngakho-ke ngizozama ukuphuthuma ngokushesha ngangokunokwenzeka futhi ngikhiphe le ngxenye. Futhi, mhlawumbe, uma singaqedi, khona-ke kusasa ekuseni sizozama ukuthi mhlawumbe siqhubeke, uma iNkosi ithanda. Bese kuthi-ke uma uMfowethu Neville engehli, noma ngabe yini, awu, khona-ke ngizozama, iNkosi ithanda, ukuba lapha ukuqhubeka nenkonzo kaSonto sikole.

41 Manje, ningakhohlwa manje:

Khuleka, khuleka, ngukuphela kwendlela
. . . finyelela emihlabathini ephakeme;
Khuleka, khuleka, umkhuleko wokukholwa
Uzokwehlisa izibusiso zikaNkulunkulu.

42 Yileyo ndlela kuphela oyoke ukwenze ngayo. Asilicule ndawonye. Lo Nyaka oMusha umanje. Sinesikhathi esiningi kakhulu.

Masikhuleke, khuleka, ngukuphela kwendlela
Ukufinyelela emhlabathini ophakeme;
Khuleka, khuleka, umkhuleko wokukholwa
Uzokwehlisa izibusiso zikaNkulunkulu.

43 Ngakho-ke uma umkhuleko wokukholwa wehlisa izibusiso zikaNkulunkulu phansi, masiqhubeke nokukhuleka. Ngijabule kakhulu, kulobubusuku, sinobuso obusha eMbusweni kaNkulunkulu lobo obabungekho ngonyaka odlule. Futhi ngi, ngiyaqhubeka nje nokukhulekela ukuthi okunye nokunye kuzokwengezwa ngaso sonke isikhathi. Futhi isigamu asikaze sitshelwe ukuthi kuyoba njani ngakolunye uhlangothi.

44 Manje, sizophenya esahlukweni 4 seSambulo. Ngabe ukhona odinga iBhayibheli na? SinamaBhayibheli athile phezulu lapha uma ungathanda ukusilandela. Kulungile, omunye wabangenisi akeze ngaphambili manje, sineqoqo lonke nje lamaBhayibheli lapha. Omunye wabaphatheli, abangenisi, noma okuthize, akenyukele lapha khona manje. Mfowethu Zabel; makuze omunye, futhi. Uma ufuna nje ukuthatha izinhlangothi zombili, futhi sizokwehla ngqo ngesikhala sezihlalo. Futhi noma ubani ofuna iBhayibheli, ukuba alandele kanye nathi, ngani, vele uwehlise ngqo bese uwanikeza noma ngubani owafunayo.

Futhi sifuna ukuba niphenye manje eSambulweni, isahluko 4.

45 Futhi, manje, uma uhleli emuva futhi ufuna ukuqhubekela phambili lapha, sinendawo eningi kakhulu kulobubusuku yokuthi wenyukele phezulu. Futhi uzenze unethezeke, futhi ungene esifundweni ngqo futhi ungisize ngisifunde, futhi ngisitadishe njengoba sihlangana ndawonye. Kukhona izihlalo phezulu lapha. Ngibona izithandani ziza. Futhi nazi izihlalo ezimbili khona phakathi lapha. Nasi esisodwa saloyo oyedwa khona phakathi lapha. Futhi emuva ngqo phakathi lapha, kunezihlalo nje phezulu lapha. Ngicabanga ukuthi izishayisa-moya zijikeleza ndawo zonke.

46 Futhi manje, bangaki abajabulele isifundo sethu esisanda kuba naso, isifundo sosuku lwesishiyagalombili kwi *ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa* na? Ngiyabonga. Kungenza ngizizwele ngikahle, ngoba empeleni ngithole isibusiso esikhulu kubo mina uqobo.

47 Manje, kulobubusuku ngesahluko 4, siyahamba manje, uJohane wayekhulume oNyakeni weBandla laseLawodikeya. Futhi, kuloNyaka weBandla laseLawodikeya, kwakungunyaka webandla owonakele kakhulu kunayo yonke eminye.

48 Futhi sithole into efikiselana ngomunyu kakhulu engxenyeni yokugcina yoNyaka weBandla laseLawodikeya, uJesu emi ngaphandle kwebandla laKhe uQobo lapho Ayekhishelwe khona ngaphandle, engqongqoza emnyango, ezama ukubuyela angene. Akusiso yini isono lokho na? Ngicabanga ukuthi kumayelana nomunye wemiBhalo efikiselana umunyu kakhulu kwengake ngayifunda. UJesu, ngaphandle komnyango waKhe uQobo, futhi ibandla laKhe laliMkhiphele ngaphandle, futhi Wayezama ukubuyela angene ukubasindisa kuphela. "Noma yimuphi umuntu oyovula, aNgibuyisele endlini yaMi uQobo, Ngizodla naye futhi naye naMi." Akuyona yini leyo...akufikiselani umunyu lokho na? UNkulunkulu weZulu, wakhishelwa ngaphandle kwebandla laKhe uQobo, ngezivumokholo zabo namahlelo nendlela ababenza ngayo. Babakhiphela ngaphandle...baMkhiphela ngaphandle kwebandla, bamukele isivumokholo sabo.

49 Kuyinto efanayo nse njengoba kwakunjalo ngosuku lelo uJesu abethelwa ngalo. Futhi lokho kwaba yilokho lapho bemukele khona uBaraba, umbulali, futhi babethela uJesu. Bakhulula umbulali phakathi kwabo, lokho kwafakazelwa njengo "mbulali," futhi bamukela...futhi benqaba uJesu Kristu, Yena kanye owayengabanika ukuPhila.

50 Futhi leyo yinto efanayo wonke amahlelo, namahlelo ePentecostal, asenayo namhlanje. Babona ukuthi lawomahlelo ayafa ngokushesha nje lapho ehlela. Akukaze kube khona nelilodwa (e—emakhasini omlando) elake lahlela lelo elake lenza noma yini ngaphandle kokuthi life khona manjalo. Zonke izibonakaliso, izimangaliso, nezipho zabashiya, nakho konke okunye, ngokushesha nje lapho sebehlelile. Futhi esikhundleni sokwamukela iNkosi uJesu ukuthi ibanikeze ukuPhila, babuya ngqo futhi bakhulula uBaraba phakathi kwabo futhi. Akuyona into embi kabi leyo na? Akumangalisi uNkulunkulu wakhishelwa ngaphandle ngqo kwebandla laKhe, futhi umile, engqongqoza, unyaka webandla wokugcina, uzama ukubuyela ngaphakathi.

51 Manje, sithola ukuthi iSambulo sivinjwe izingxenye ezintathu. Okokuqala izahluko ezintathu zokuqala, ziphathelene neBandla, uMlayezo, ingelosi...ezingelosini zeBandla. Futhi kusuka...Futhi khona-ke Lanyamalala khona lapho ngqo esahlukweni 3, aliveli futhi kuze kube isahluko 19, esahlukweni 19 Labuya. Phakathi kwalesi sikhathi, uNkulunkulu usebenzelana namaJuda. Bese-ke, kusukela lapho kuqhubeke, kuphakathi kokuza komuzi omkhulu

waseJerusalema, noku—nokubekwa uphawu kwabantu bakwa-Israyeli, nokunye nokunye, esikhathini sokuphela.

52 Manje, ngakho-ke kulobubusuku sishiya . . . Masinyane emva kwalokhu, uJohane wayebone . . . Esiqhingini sasePhatmose . . . Bangaki abakhumbula ukuthi yayiqhele kangakanani iPhatmose kwi . . . ngaphandle ukusuka ogwini na? Kwakungaphandle kade kangakanani na? Cishe amamayela angamashumi amathathu, kunjalo, ngaphandle ukusuka ogwini. Futhi kwakukude kangakanani ukuzungeza iPhatmose na? Niyakukhumbula okunye kokuma kwezindawo na? Cishe amamayela ayishumi nanhlanu ukuyizungeza. Futhi yayisetshenziselwa ukudingisa amaRoma, babeke iziboshwa phandle lapho. Futhi uJohane wayephandle lapho mayelana nani na? Wenzani na? Ngabe we—ngabe weba okuthile na? Qhabo. Ngabe waye . . . Bamkhiphela ngaphandle lapho ngoba wayephazamisa abantu futhi . . . noma enza into ethize embi na? Qhabo. Wayengaphandle lapho mayelana nani na? Ngenxa yeZwi likaNkulunkulu nobufakazi bakhe, ngokushumayela iVangeli.

53 Futhi ngabe kukhona okungenzeka kumKristu ngaphandle kwalokho okungcono kakhulu na? Qhabo, qhabo, qhabo. Ngakho-ke yini uNkulunkulu amkhiphela yona lapho yedwa esiqhingini na? Sinike le Ncwadi yeSambulo. Niyabo, uNkulunkulu angavele nje adonsele uboya bezimvu phezu kwamehlo kadeveli noma ngasiphi isikhathi Afuna ngaso. Akakwazi na? Angakwenza kalula nje. NgiyaMthanda nje. Ngoba, angifanele ukuba ngibe nobuhlakani, niyabo. Manje, ukuba benginobuhlakani, bengizozama ukukhohlwa konke ngakho ngoba ngiyazi ukuthi akekho obengaba nobuhlakani njengaYe. Futhi ngakho-ke mina—mina nje . . . Noma yini enginayo, nginikela uqobo lwami kuYe futhi ngenze nje lokho Athi kwenze. Yilokho kuphela. Ngezinye izikhathi kuphambene kakhulu nendlela engicabanga ukuthi kuyikho. Kodwa ngiyazi, uma Ekuhola, Unobuhlakani. Uyakwazi Akwenzayo, angikwazi. Ngakho-ke ngivele ngiMvumele akwenze, niyabo, khona-ke kuvele nje . . . konke kulungile. Niyabo? Ngakho-ke ngivele ngiMvumele akwenze. Yilokho-ke, Mfowethu Neville. Yebo, mnumzane, Mvumele nje akwenze. Niyabo? NguYe owaziyo Akwenzayo, angazi. Niyabo? Ngakho-ke angizami nje ukuba nanoma yiziphi izimbali ezinkulu kakhulu nezinto. Futhi ngizithobe nje, bese ngithi, "Ngilapha, Baba, noma ngasiphi isikhathi Wena ongifuna ngaso." Ngakho-ke qhubeka nje kanjalo futhi kuhlala kuphuma kahle.

54 Ngakho-ke, uJohane, besingeke sibe ne—neNcwadi yeSambulo ukube bekungengaJohane, futhi ukube uJohane akaphumelanga esiqhingini. Leyo kwakuyindlela kaNkulunkulu yokusinika iNcwadi yeSambulo.

Wayengaphandle lapho, ngiyacabanga, cishe iminyaka emithathu, futhi eNcwadini . . . waloba iNcwadi yeSambulo.

55 Manje, khona-ke lapho simshiya ekugcineni kwesimemo, sevesi 22 lesahluko 3, "Onendlebe, makezwe lokho uMoya akushoyo emabandleni."

56 Manje, qala isahluko 4:

> *Emva kwalokho ngabona, futhi, bheka-ke, umnyango uvulekile ezulwini: nezwi lokuqala engalizwayo linjengokungathi . . . icilongo likhuluma nami; lithi, Yenyukela lapha, ngikutshengise okumelwe ukuba kube khona emva kwalokhu.*

57 SizoKuthatha ivesi ngevesi. Futhi nginenqwaba yemiBhalo ebhalwe phansi lapha, incwadi yayo, futhi angazi ukuthi singena kude kangakanani kuKho. Kwangathi iNkosi ingasihola. Manje, bhekisisani, iZwi lingukuthi:

> *Emva* kwalezi zinto (emva konyaka weBandla) . . .

58 Futhi konke lokhu kusuka lapha kuqhubeke, manje, kuzobe kuphathelene, kuzokwenzeka emhlabeni emva koHlwitho lweBandla. Niyabo, emva koHlwitho. Lokhu kubuyela emuva manje ukuyocosha u-Israyeli. Ngemuva koNyaka weBandla, emva kweminyaka yeBandla, futhi bona . . . IBandla aliphindi livele futhi kuze kube iSambulo isahluko 19 lapho Libuya noMyeni waLo. Makabongwe uNkulunkulu ngoMshado!

59 Masifunde lokho nje. Ningathanda ukufunda lemiBhalo njengoba siqhubeka na? Kulungile. Masiphenye eSambulweni 19. Kulungile, mnumzane, iSambulo 19. Masiqale evesini 7, iSambulo 19. Lana yilapho iBandla liphinde livela khona futhi, aliphindi livele kuze kube ngaleya esahlukweni 19.

> *Masithokoze sethabe, futhi simnike inkazimulo; ngokuba umshado weWundlu ufikile, nomkalo uzilungiselele.*

60 O, ngi—bengingashumayela kulokho kuze kube phakathi kwamabili futhi ngingakusho nesigamu. Bukani, "Umkakhe uzilungiselele."

61 UCharlie, uNellie, nani nonke, lokho ebesikukhuluma nje, ezansi lapho, noRodney, ngolunye usuku. Niyabo? Ngenkathi u-Elisha ephonsa leyo ngubo phezu kuka-Eliya . . . Noma u-Eliya wayibeka phezu kuka-Elisha; wafinyelela emuva wase eyisusa futhi, wayembatha futhi wahamba nayo phezu kwakhe waze wawela iJordani, futhi waya entabeni wase egibela enqoleni, wayiphonsa emuva.

62 Lapho umKristu eqala ukusindiswa, ubuso bakhe buphendukela kuKristu, khona-ke unento amele azenzele yona. Uzomele, into elandelayo, azingcwelise kuyo yonke imikhuba engcolile, "lahla yonke imithwalo, eZilungiselela. UMlobokazi uZilungiselele!"

63 Kungikhumbuza indaba encane, nje ngimele ngikusho ngaphambi kokuba siqhubeke. Phandle eNtshonalanga lapha, esikhathini esithile esidlule, iminyaka eminingi, kwakukhona le Nkampani enkulu i-Armour and Swift Packing. Benza kanjani, baphuma lapho futhi bathenge izinkomo futhi bathenge amapulazi. Futhi kubiza imali eningi, futhi bathenga wonke wonke amapulazi amancane, futhi babe nezigidi zama-ekha zepulazi kanjalo, bagijimise lezi ezinkulu, izinkomo ezinhle iHereford ngezigaba. Okwabo. . . Ojantshi babo uqobo nezinto eziletha lezo zinkomo zisuka edlelweni elilodwa ziye kwelinye.

64 Futhi i-Armour and Swift babenepulazi elikhulu, futhi ngolunye usuku baba nenduna lapho, umphathi omkhulu, kwakunguye, wepulazi, wayenamadodakazi amane noma amahlanu. Futhi bathola ukuthi omunye wezelamani zakwa-Armour waye. . . noma, hhayi izelamani, kodwa amadodana, ayezovakashela ipulazi. Futhi wayese—sengencane, indoda engaganiwe. Futhi wonke la mantombazane ayeqinisekile ukuthi ayezoyenga lo mfana ngokushesha nje lapho e—efika. Futhi ngakho-ke onke ayelungela futhi elungiselela konke ukuba kufike.

65 Lapho efika lapho, ayezohlangana naye egqoke ezosuku lwesifunda, egqoke izingubo zawo ezincane, inensephe kuyo, no .44 enqulwini ngayinye, nalezo zigqoko ngemuva kwekhanda lwawo, niyazi. Futhi ayezoba ngabasentshonalanga abajwayelekile, futhi ngayinye yamantombazane yayizothola. . . Eyodwa yawo yayizothola lo mfana.

66 Futhi ayeno—nomzala omncane lapho okungukuthi umama wakhe wayesashona futhi ubaba wakhe wayesashona. Wayengumzala, futhi cishe impela wayeyisigqila kuwo wonke ayekhona lapho. Futhi wonke umsebenzi ongcolile, wadingeka awenze, egeza izitsha nakho konke. Futhi wayengenazingubo zokugqoka, wayedingeka athathe ama-hand-me-down kanye ne. . .

67 Ngakho-ke lapho kufika isikhathi lapho lo mfana ayezofika khona ngaso, onke angena ekalishini futhi, kude, ehla aya esiteshini ukuyokwamukela yena. Futhi babedubula izibhamu, namahhashi eyiyiza, nakho konke. Futhi bamkhiphela epulazini. Futhi ngalobobusuku babenendumezulu yephathi. Futhi aphumela lapho ezimbondeleni zotshani bemfuyo nothango lwesibaya, futhi a—acula futhi adansa, futhi ubusuku bonke gulukunqu. Wayelapho izinsuku ezimbili noma ezintathu.

68 Lo mzala omncane. . . Manje, ngizofanisa lokhu nokuthile manje. Abazala bethu abagqoke kahle, izicabucabu ezinkulu namabandla amahle, futhi kubukeka sengathi uma kukhona noma yiliphi igama elingcolile lifanele linikezwe amapentecostal, into ethile engalungile. Benza into engalungile

nabo, kodwa akukho lutho olwaziwa ngalo, niyabo. Bathi ukuba uhlobo lwezinga, ngakho-ke bona . . . anizwa ngalokho. Kodwa ake omunye umfundisi wePentecostal enze iphutha kanye, futhi, mfowethu, ngiyakutshela, bazomqukatha anqamule izwe kulo lonke iphephandaba. Yebo, mnumzane. Ake omunye umfowethu wepentekoste akhulekele umntwana, futhi afe, wonke amaphephandaba ezweni azoqukatha, "Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu KungubuHlanya."

69 Awu, khona-ke kungani bengabeki lonke udaba ephepheni ukuthi udokotela uyahluleka na? "Isoso lesikhukhukazi lehansi, isoso leqhude lehansi." Niyabo? Ngakho-ke, uma bebengenza lokho, bebengeke babe nendawo eyanele kumakholomu emaphepheni ukubhala bonke abafile. Uma bengingaphuma lapha emathuneni bese ngithi, "Wonke umuntu owake wafa ngaphansi kokuphulukiswa ngokukaNkulunkulu akasukume," bese-ke ngithi, "Wonke umuntu owake wafa ngaphansi kokwelashwa ngokwezemithi akasukume," bekuzobadlulula ngesibalo ngesigidi koyedwa. Futhi kunjalo impela. Ngakho-ke uma bezogxeka oyedwa, gxeka omunye. Ngakho-ke kunjalo. Kodwa babulala izigidi ngonyaka ngemithi nokuhlinzwa, futhi awulokuthi uzwe igama ngakho. Niyabo?

70 Ngakho-ke, le ntombazanyana, yayinawo wonke umsebenzi onzima ukuba iwenze. Ngakho-ke ngenkathi, khona manjalo, umfana . . . ngobunye ubusuku lapho isidlo sakusihlwa sesiphelile futhi ayekade enemidanso, futhi ngayinye yalawa mantombazane yayiyinhle kakhulu, niyazi. Futhi le ntombazanyana ehluphekayo yayifanele igqoke elincane, elidala, ilokwe elidlavazekile. Futhi ngobunye ubusuku yayihleli ehholo lokudlela ngemuva kokuba ukudla kwakusihlwa kwase kuphelile, futhi yayigeze izitsha futhi yaqijima yaphuma ngasegcekeni elingemuva ukuyochitha amanzi okugeza izintsha. Yona . . . ngenkathi ijika othangweni lwesibaya, nango emile, encike othangweni lwesibaya. Wathi, "Sawubona."

71 Wayenamahloni kakhulu, ngoba lowo kwakungumfana womphathi omkhulu, indodana yomnikazi wepulazi. Wehlisa indishi yezitsha ukuze angaqapheli ukudlavazeka kwayo okukhulu; waqala ukubuyela emuva, engafake lutho ezinyaweni, ebuka emuva, ka*njena*.

72 Futhi yanyukela kuye, yathi, "Ungangesabi." Yathi, "Ngifuna ukukutshela okuthile." Yathi, "Ngiphumele lapha ngenhloso eyodwa, ngiphumela ukuzothola unkosikazi." Futhi yathi, "Bengilokhu ngicinga yonke indawo." Yathi, "Bengingafuni ukushada nanoma yiyiphi yamantombazane emuva lapho edolobheni, ngifuna ukuthola lokho engangicabanga ukuthi ngunkosikazi wangempela." Yayisithi, "Kuwo wonke esengiwabonile, bengikuqaphela ngalapha. Futhi ngitholile ngokunye ukusizwa ukuthi ungumzala."

Wathi, “Kunjalo, mnumzane.”

73 Yathi, “Ngifuna ukukubuza okuthile. Ungangigana na?” Ngani, wayengazi ukuthi enzeni. Wayethukile kakhulu, wayenga—wayengazi ukuthi ayiphendule kanjani indoda.

74 O, sekuthi angicabange nje ukuthi wazizwa kanjani. Awunjalo na? Lapho mina, isoni engake ngaba yiso, esingenamsebenzi walutho, umntwana wesidakwa, uJesu Kristu wathi, “Ngifuna wena ube ngowaMi.” Kwakungenzeka kanjani ukuthi Eze kumuntu onjengami na? Wayengake Akusho kanjani ukuthi, “Ngizokunika ikhaya eZulwini”? Wayengake Akusho kanjani ukuthi, “Ngizokusindisa”? Omubi njengami, kwakungake kuze kwenzeke kanjani na? Kodwa Wakwenza!

75 Wathi, “Mnumzane, a—angi—a—angifanele. Bengingekwazi ukuba unkosikazi wendoda enjengawe,” wathi, “ngoba ujwayele izinto ezinhle. Futhi mina angazi lutho ngazo, ngimpofu.”

Yathi, “Kodwa ungukukhetha kwami.”

76 Futhi kwakungemnandi yini lapho uJesu ekutshela lokho…? Wawazi ukuthi wawungafanele ukuba ngumKristu. Wena, akukho owawungake ukwenze, kodwa Yena… Akulutho…Wa—Wavele nje wakhetha wena. Niyabo? Yena… Ekulungeni kwaKhe, umusa waKhe ukuthi Wakhetha wena. Wena awukhethanga Yena, uyazi, Yena wakhetha wena. Kunjalo.

Wathi, “A—angi…” Wathi…

77 “Ungabheki izingubo zakho zokugqoka. Angizibheki izingubo zakho zokugqoka, ngibheka lokho oyikho.” Yathi, “Uzongigana na?” Futhi ekugcineni kwenziwa isivumelwano. Futhi yathi, “Unyaka owodwa kusukela namuhla, ngizobuya. Wena lungela. Ugqoke ingubo yomshado, ngokuba ngizobuya futhi ngikushade khona lapha kulemihlabathi. Futhi ngizokuyisa eChicago, ku-Outer Drive, lapho ozoba nenqaba ukuba uhlale kuyo. Futhi konke lokhu kugeza izitsha kuzophela, nezinto, khona-ke.”

78 Lapho odadewabo, noma abazala bakhe, sebezwe ngalokho, bathi, “Wena siphukuphuku esimpofu, esincane, esingazi lutho! Ngani, uyazi ukuthi leyondoda ibingakuqondile lokho!”

79 Futhi akukhona yini ncamashi lokho abakushoyo namuhla na? “Kungenzeka kanjani ukuthi izigejane sabagingqiki abangcwele, isigejane sabantu abangakwazi nhlobo ukubhala igama labo uqobo, bayoke babe yiBandla kanjani na? Beliyoke libe kanjani iqembu elinjalo na?” Kodwa konke lokho kulungile. Lapho sesithenjiswe umshado futhi sezwa lokho kwanga kokwendisa kukaJesu Kristu enhliziyweni yethu ukususa isono sethu, Okuthile kusitshela ukuthi Uyabuya futhi, impela nje njengomhlaba. Ngelinye ilanga Uzobuya.

80 Wonke unyaka wasebenza, ezigqilaza, elondoloza amasente akhe angamashumi ayisikhombisa nanhlanu amancane, lokho—lokho abamnika khona kube umholo wakhe wosuku. Futhi wayelondoloza imali yakhe yokuthenga ingubo yakhe yomshado, ukulungiselela yonke into. O, kwakuyilokho kuphela kwemicabango yakhe, ukulungiselela. (Futhi yayi . . . "Uzilungiselele.") Wathola izingubo zakhe, izingubo zakhe zomshado, ngenkathi abazala bakhe babemhleka futhi behlekisa ngaye.

81 Ekugcineni kufika e . . . ekugcineni usuku. Wazigqokisa ingubo yakhe yomshado (O!), wazilungisisa futhi wazihlanza. Futhi omzala bakhe abancane beza kuye bamkhothamela base bethi, "Awu, wena-nto encane eyisilima. Ngani, uyazi ukuthi wayengakuqondile lokho. Wayengeke akhulume ne . . . ashade intombazane efana nawe." Kodwa, wazilungiselela, noma kunjalo.

82 Ngakho-ke kuyafika sekuleyithi ngalokho kuhlwa, futhi baqala ukumgcona futhi behlekisa ngaye. Wama emnyango ngqo, elindile, noma kunjalo. Futhi ngakho-ke yena . . . yathi, "Wathi uzofika ngasiphi isikhathi na?"

83 Wathi, "Akashongo." Kodwa wathi, "Wathi . . . yangitshela ubusuku ukuthi uzongishada . . . noma inginika indandatho yesethembiso somshado. Yathi, yangitshela, 'Kungaba cishe unyaka owodwa kusukela manje.' Ngakho-ke nginehora elisele." Amen, waqhubeka elindile. "Nginehora elilodwa elisele, imizuzu engamashumi amathathu esele, imizuzu eyishumi esele." Futhi bahleka futhi bahlekisa ngaye, futhi bambiza ngakho konke.

84 Kodwa, ekugcineni, ngalo lelo hora elibucayi, bezwa isihlabathi siphakama ngaphansi kwamasondo, amahhashi eza. Kwakuyinto enjani ukubona lowo mlobokazi omncane owayezilungiselele, ugxuma uphuma emnyango, futhi uzungeza izinti eziphase isithombo ezimbozwe ngezimbali ngaphandle lapho, ukuba andizele ezingalweni zendoda ayeyithanda, nokuba ibe ngumyeni wakhe, ukumthatha amngenise kanjalo, futhi bashadiswe futhi bagibele bahambe.

85 Ngolunye lwalezi zinsuku, mfowethu, labo abahlekisayo futhi bethi "abagingqiki abangcwele," futhi—futhi "ipentecostal," nezinto ezinjalo . . . Silindile, sisenesikhathi esincane. Bathi, "A, akukho mehluko kulokho okwakulokhu kukhona." Ungakhathazeki, sinesikhathi esincane esisele. Futhi ngalowo mzuzwana Awuthembisa, Uzoba lapha. Futhi ngolunye lwalezi zinsuku sizothatha indiza futhi simuke. Lungela nje! Yiba ulokhu ugqoke iNgubo yoMshado! Susa lonke ulunya enhliziyweni yakho. Konke oku . . .

86 Lalela ukuthi lo mBhalo ufundeka kanjani lapha:

> *Masithokoze sethabe, futhi masimnike inkazimulo: ngokuba umshado weWundlu ufikile, nomkalo uzilungiselele.* (Niyakuthola na?)
>
> *Futhi wanikwa ukuba embathe ilineni elicolekileyo nelikhazimulayo, elihlanzekileyo nelimhlophe: ngokuba ilineni elicolekileyo liyizenzo ezilungileyo zabangcwele.* (Makabongwe uNkulunkulu!)
>
> *Yayisithi kimi: Loba ukuthi, Babusisiwe abamenyelwe esidlweni somshado weWundlu. Yayisithi kimi: Lawo angamazwi aqinisileyo kaNkulunkulu.*

87 Ngakho-ke kuzoba nomhlangano emoyeni ngolunye lwalezizinsuku, kulelo elihle, elihle-hle. E-hhe. Hlala ulungele nje! Zigcine ulungele! Hlanza inhliziyo yakho kukho konke ukucabanga okubi. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, kungenandaba ukuthi kubukeka kumnyama kanjani nokuthi kungakanani ukuhleka nokuhlekiswa ngawe nokuthi, "Wenze iphutha." Qhubeka ngokuphila impilo ngokungcwele nokuphilela uNkulunkulu. Yiba ulokhu uqhubeka nje, ihora lizofika!

88 Ngakho-ke, niyabo, Owesifazane uyavela futhi manje eSambulweni 19:

> *Emva* kwalezi zinto . . . (Emva kokuba esebone unyaka weBandla.)
>
> *Emva* kwalezi zinto *ngabheka, futhi, bheka, umnyango* . . .

89 Manje, khumbulani, uJohane usesePhatmose. Futhi ngemuva kokuba esebone yonke iminyaka yebandla idlula:

> . . . *Ngabheka, futhi, bheka-ke, umnyango uvuliwe ezulwini:* . . .

90 "UMnyango." Yini uMnyango na? ISambulo 3:8. ESambulweni, isahluko 3 nevesi 8, "Ngiyayazi imisebenzi yakho. Bheka, ngibekile phambi kwakho uMnyango ovulekile okungekho muntu ongawuvala, ongavala futhi akekho ongavula." Yena unguMnyango! UMnyango! UKristu unguMnyango. Wathi, kuJohane oNgcwele 10, "NginguMnyango wesibaya sezimvu."

91 Futhi ezweni elidala, uthola ukuthi umelusi wezimvu ugijima ezimvini zakhe. Ngemuva kokuthi esezibalile futhi ubona ukuthi zonke zingaphakathi, khona-ke ulala phansi emnyango. Impisi ayikwazi ukungena ngaphandle kokumvusa, noma izimvu zakhe azikwazi ukuphuma ngaphandle kokumeqa. O, zizizwa ziphephe kangakanani izimvu ngoba umelusi wezimvu ulele phansi emnyango.

92 UNowa, eTestamenteni eliDala, wama emnyango womkhumbi. O, lalelani; ngizosho okuthile! Wama emnyango futhi washumayela ukuphenduka nokulunga kubantu

ababemhleka. Futhi kulowo mnyango ofanayo ayemi kuwo, akekho noyedwa owayengangena emkhunjini ngaphandle kwalowo mnyango owodwa. Kwakungekho ngaphandle komnyango owodwa emkhunjini.

93 Futhi kuneNdlela eyodwa kuphela! Kulungile, Mfowethu . . . ? . . . KuneNdlela eyodwa kuphela engenela eMzimbeni kaKristu. KunoMnyango owodwa kuphela oya eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, futhi uJesu uyilowo Mnyango! "NginguMnyango! NgiyiNdlela, umgwaqo oholela eMnyango. NginguMnyango kuso isibaya sezimvu."

94 Wathi kulonyaka webandla, "Ngimisile phambi kwakho uMnyango ovuliwe." Washo lokho onyakeni webandla lamaMethodisti, baWufulathela, bangena enhlanganweni. "Kepha Ngimisile phambi kwakho uMnyango ovuliwe." Manje, emva kokuba sebemukele ukungcweliswa, Wathi, "Ngizobeka uMnyango ovuliwe," onguMoya oNgcwele. "NgaMoya munye thina sonke" (kanjani na?) "bhaphathizelwe eMzimbeni munye onguKristu." Wamisa lowo myalezo ngaphambi kwebandla leMethodisti futhi baphambuka kuWo. Banyukela ekungcwelisweni futhi benqaba uMoya oNgcwele. Niyakukhumbula lokho na? Lowo "Mnyango uvulekile."

95 Ungena kanjani kuKristu na? NgaMoya munye, uMoya oNgcwele, okunguMoya kaKristu. Singenile, hhayi ngokuxhawula, hhayi ngokufafaza, kodwa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele owodwa sonke sibhaphathizelwa eMzimbeni owodwa futhi senziwa abahlanganyeli balowo Mzimba. Umbhaphathizo owodwa kaMoya oNgcwele kulowoMnyango.

96 Lo Mnyango ubekwe eZulwini, lowo Mnyango, lapho ebheka phezulu wabona iNkosi uJesu. Bhekisisani nje ingxenye elandelayo yakho. Lowo Mnyango, iNkosi uJesu.

> *. . . ngabheka, futhi, bheka-ke, umnyango uvulekile ezulwini; nezwi lokuqala . . . engalizwayo li . . .* izwi *lecilongo . . .*

97 Manje isigcawu siyashintsha. UJohane ubelokhu ebheka iPhatmose, futhi manje ubheka phezulu. Ngani na? Ubona okuthile okwakuqhubeka emhlabeni lapha (le minyaka yebandla), konke ezansi imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa, bese kuthi-ke emva kokuba eseqedile ukubuka iminyaka yebandla, emva kwalokho, emva kokuba iminyaka yebandla isinqamukile, wezwa iPhimbo. Futhi wabheka phezulu ngaseZulwini futhi wabona uMnyango uvulekile, futhi iPhimbo lokuqala lalizwakala njengecilongo. Kulungile, isigcawu sashintsha sisuka ePhatmose saya eZulwini.

98 IPhimbo kwakuyiPhimbo elifanayo elahamba phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide; iPhimbo elifanayo, iPhimbo alishintshanga. Kodwa, iPhimbo, laLikuphi lapho eLizwa okokuqala na? Bangaki abakhumbulayo, onyakeni

webandla lokuqala na? Ngemuva kwakhe. "NgangikuMoya ngosuku lweNkosi," ISambulo 1—1:10. Ngakho-ke... "KuMoya." Uma ufuna ukubhala lokho phansi eSambulweni 1:10 ne 13, "NgangikuMoya ngosuku lweNkosi, ngezwa emuva kwami kungathi iZwi lecilongo futhi kungathi inhlokomo yamanzi amaningi. Futhi ngaphenduka ukuba ngibheke, ngabona Omi phakathi kwezinti zezibani eziyisikhombisa zegolide."

99 Manje, emva kokuba Esemkhombise yonke leyo mfihlakalo yalezo zinti zezibani eziyikhombisa zegolide (ephethe izinkanyezi eziyisikhombisa, efake izinwele ezimhlophe, nokunye nokunye, nezinyawo ezinjengethusi, namehlo ayenjengomlilo, izifanekiso), wabe esezwa iPhimbo elifanayo (Bhekisisani.) likhuluma livela eZulwini. Futhi wabheka phezulu wase ebona uMnyango ovuliwe. O! UMnyango ovuliwe ongenela eZulwini! Ungena kanjani na? NgoKristu Jesu, lowo Mnyango owodwa, iNdlela eyodwa, ayikho enye indlela.

100 "Noma yimuphi umuntu okhwela ngenye indlela, ufana nesela nomphangi." Futhi emfanekisweni walowo owakhwela futhi wayeseSidlweni sakusihlwa soMshado ngaphandle kwengubo, wafunywana enecala, futhi waboshwa wase ephonselwa ebumnyameni obungaphandle. INdlela eyodwa kuphela, yokuza eSidlweni sakusihlwa soMshado. Ngikholwa ukuthi ngishumayele ngakho lapha kungekudala. Nomaphi lapho umyeni...Lapho umuntu ese...uyashada ezweni lakudala, ufanele anikeze izimemo yena ngokwakhe, ufanele anikeze izingubo ezinde ngokwakhe. Ngakho-ke lapho ehlangana nalendoda lapho, yona ihleli etafuleni lesidlo sakusihlwa...Bangaki okhumbula umfanekiso na? Impela, wena ofunda iBhayibheli. Futhi wafumana indoda etafuleni lesidlo sakusihlwa ingayigqokile ingubo yomshado.

101 Kuyini na? UMyeni umi emnyango futhi bonke beza benyuka nesimemo. "Akekho ongeza kuBaba ngaphandle kwaMi. Konke uBaba aNgiphe khona, noma akumemile, kuzoza kiMi." Nampa beza, benikeza isimemo sabo, umyeni, ukuze wonke umuntu ezobukeka ngokufanayo. Leyo yinto eyodwa ngobuhle, yasemandulo, inkolo kaMoya oNgcwele, kubenza bonke babukeke ngokufanayo. Noma ngabe bacebile noma bampofu, baboshiwe noma bakhululekile, bamnyama noma bamhlophe, owesilisa noma owesifazane, bonke bamunye kuKristu Jesu. Futhi umyeni wema emnyango futhi wemukela isimemo, wambesa ingubo ende lo mfo, ukuze abacebile nabampofu bonke babebukeka ngokufanayo. Kungaleyo ndlela eMbusweni kaNkulunkulu, akukho bafo abakhulu nabafo abancane; bonke bangumfo oyedwa, bonke bamunye kuKristu.

102 Manje, ucabangani lapho uMyeni ebuya futhi wathola indoda ihleli lapho ingayimbethe iNgubo yoMshado na? Wathi, "Mngani, ungene kanjani lapha na?" Futhi yama ingakwazi

ukukhuluma, kukhombisa ukuthi ize ngenye indlela ngaphandle koMnyango. Ingene ngewindi, ingene ngomnyango ongemuva. Futhi Wambiza ngomngani, okukhombisa ukuthi yayiyilungu lebandla, "Mngane, ungene kanjani lapha ungayembethe ingubo na?" Manje, uJesu washo lokhu, qobo lwaKhe. Futhi wabiza umgcini wendlu, Wathi, "Yibophe, unyawo nesandla." Futhi yaphonselwa ebumnyameni obungaphandle lapho kuyoba khona ukukhala, ukulila, nokugedla amazinyo. Lawo ngamaZwi kaKristu uQobo, (Kunjalo.) "Yaphonselwa ngaphandle." Ngoba, kwafakazisa, ingenaNgubo yoMshado, yeza ngenye indlela ngaphandle koMnyango. Ukube yangena ngoMnyango, ngabe yayamukela iNgubo yoMshado.

103 O, lalelani lokhu! Khona-ke uma iNgubo yoMshado ingumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, sizomelwa kanjani ngenye indlela na? Uma unyaka webandla lokuqala kwakufanele ungene ngoMnyango, uKristu Jesu, ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, wamukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukwembatha iNgubo yoMshado, siza kanjani ngenye indlela na? Uma uza ngeMethodisti, ngeBaptisti, noma amaPentecostal, noma yiliphi elinye ihlelo, uzoboshwa futhi uphonselwe ebumnyameni obungaphandle. Ufanele uze ngoKristu Jesu, iNdlela, uMnyango, iQiniso, ukuPhila. Amen!

104 Kulungile, iPhimbo elifanayo, iSambulo 21, noma, iSambulo 1:10 ne 13. Futhi ngifuna niqaphele, iPhimbo alizwa likhuluma kuye lalinokucaca kwecilongo. Niyazi ukuthi icilongo lizwakala kanjani, linikeza umsindo ohlononozayo. Lisho ukuthini icilongo eBhayibhelini na? Impi. Noma yinini lapho ubona ukushaywa kwecilongo, empini . . . ngesikhathi seBhayibheli, ukuzwakala kwalo kusho impi, kungaba isambulo noma okuthile okuzokwenzeka.

105 Manje, yena . . . Emva kokuba iminyaka yebandla yase iphelile, futhi konke kwase kulungele, kwalungiselelwa ukuhlelwa kwesahluko 4 lapha, iminyaka yebandla yase iqediwe. Wayesevele ewushiyile umhlaba, niyabo. Khumbulani, iPhimbo elakhuluma kuye, emva kwakhe, ezintini zezibani eziyisikhombisa zegolide, umsebenzi wawusuqediwe. Futhi manje lelo Phimbo elifanayo lalikhuluma phezulu eZulwini. Kwakuyini na? Wayesevele eseqedile ukuhlenga abantu baKhe. Umsebenzi waKhe wasemhlabeni wawusuqediwe, futhi WayeseseNkazimulweni, ebiza uJohane, "Nyukela lapha!" E-hhe. Amen! Lokho kungenza ngizizwe sengathi ngingamemeza ngosuku olwandulela uNyaka oMusha. O, he! Nakho lapho ukhona. Uyabo, ukulungela, "Nyukela lapha!"

106 Impi! Lokhu ngukuhleleka kwempi enkulu; abantu abenqaba uMlayezo kaNkulunkulu, benqaba uMoya oNgcwele, isiThunywa samabandla ayisikhombisa. Lowo owayale lo Mlayezo womusa waKhe akasalanga nalutho, kodwa ukwahlulela kwasekulungele; o, ngenkathi Esalungela

ukuthulula izinhlupho phezu komhlaba manje. "Nyukela lapha Ngikutshengise okulungiselela ukwenzeka. Ukwala uKristu, izoni ezingamhloniphi uNkulunkulu, Ngizothululela ulaka lwaMi phezu kwabo."

107 Bhekisisani ukuhleleka. O, njengoba sehla ngobusuku nizothola okuningi kwakho nokuningi kwakho ngaso sonke isikhathi. Ngeke sikwazi ukuthola konke phakathi lapha, sizofanele siqhubeke sibhekisela ezindaweni ngezindawo. Lokho kuzoba into embi kabi kulabo lapho icilongo lokugcina lizwakala, nalapho impi yokugcina isiliwa, lapho intshumayelo yokugcina ishunyayelwa, lapho iculo lokugcina liculwa, futhi simi esiHlalweni sokwaHlulela sikaKristu. Uzobuzwa, "Kungani ungaKwemukelanga na? Wenzeni ngokuPhila eNgikunika khona na?" Uzocelwa ukuthi unikeze isizathu. Kuyokwenzekani-ke na?

108 Ningizwile ngicula lelo culo, noma ngilizama:

> Kuyokwenzekani-ke na? Kuyokwenzekani-ke na?
> Lapho kuvulwa iNcwadi enkulu, kuyokwenzekani-ke na?
> Lapho labo abenqaba uMlayezo
> Bazocelwa ukuthi banikeze isizathu, kuyokwenzekani-ke na?

109 Uzoma lapho, ngokuqinisekile nje njengoba le Ncwadi ilotshiwe. Uzoba . . . uzokuma lapho bese ubuzwa ngesizathu. O, kuyasikhokhela, mfowethu, dadewethu, kusifanele, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ukuba sizihlole ngehora ngalinye losuku. UPawulu wathi, "Ngifa nsuku zonke. Nokho ngiyaphila, hhayi mina, kepha uKristu ophila kimi." Niyabo? Hlolwa, ngoba awazi ukuthi hora lini ozobizwa ngalo ukuthi uphendule koPhezulu.

110 Manje, "Yizwa iPhimbo lecilongo." Kulungile. Qaphelani, qaphelani ukuthi uJohane wathini, washo lapha, engxenyeni yokugcina yalesi sahluko 1

> . . . *izwi lokuqala* . . . *lali* . . . njenge*cilongo* elakhuluma *nami;* futhi *lathi, Yenyukela lapha,* . . .

Nyukela lapha! Ngikutshengisile iminyaka yebandla emhlabeni; manje nyukela *lapha*, Ngizokutshengisa okuthile okwenzekayo lapha.

111 Niyabo, uKristu wayesewushiyile umhlaba ngalesosikhathi, Wayesenyuke wangena enkazimulweni, unyaka weBandla wawusudlulile, kwakhombisa ukuthi uMoya waKhe wawusuqedile lapha. Futhi Wayesehambe wangena eNkazimulweni futhi wayebiza uJohane ukuthi akhuphuke, futhi Wamkhombisa enye into eyayizokwenzeka. "Nyukela lapha."

112 Manje, siqaphela uJohane, isahluko 2 . . . ivesi 2. Qaphelani, ngokushesha, uJohane wengeza lokhu:

> *Futhi masinyane* . . . (Amen!)

113 O, uma ngiziphatha ngokuxakile, ngizizwa nje ngikahle. UJohane wengeza:

> . . . *masinyane ngaba kumoya:* . . .

114 Uma uzwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kuwe, kwenzeka okuthile. Amen! O, ngabe kwenzeka kuwe kanjalo na? Kwenzeka kimi, iminyaka engamashumi amathathu nanye edlule, futhi angikaze ngibe ngokufanayo kusukela ngaleso sikhathi. O, lapho Athi, "Yenyukela kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo, Ngizoniphumuza." Kwangiguqula.

115 UJohane wathi:

> . . . *masinyane ngaba kumoya:* . . . (Moya muphi na? UMoya oNgcwele. O!) . . . *Ngangikumoya: futhi, bheka, isihlalo sobukhosi sasimi ezulwini, nohlezi phezu ku*leso *sihlalo sobukhosi.*

116 Niyabo, uJohane wayesewushiyile umhlaba manje. UKristu wayesewushiyile umhlaba (esimweni sikaMoya oNgcwele) futhi wayesephindele eMzimbeni futhi. Namuhla uMzimba uhlezi lapho njengesikhumbuzo, njengomhlatshelo. Sifika kulokho khona phansi esahlukweni lapha. Kodwa uMoya kaKristu uyabuya ukuhlala eBandleni, ukuphila kithi.

117 Manje, masinyane ngemva kokuba Esetshengiswe ukuphela konyaka womsebenzi waKhe lapha, Wenyukela eZulwini, Wathi, "Ngizokutshengisa okumelwe ukuba kube khona emva kwalokhu, emva kweminyaka yebandla." Wathi, "Johane, Angisakwazi ukukhuluma kuwe phansi lapho, ngoba Ngishiyile phansi lapha, seNginyukele phezulu. Yenyukela phezulu lapha naMi!" Amen! "Futhi Ngizokutshengisa okumelwe ukuba kube khona emva kwalokhu." O, he! Mm! O! Wahlwithelwa embonweni, wahlwithelwa enkazimulweni.

118 Isehlakalo sakhe kumelwe ukuthi kwaba into ethile efana nekaPawulu. KwabaseKorinte besiBili 12:2 ne 4, uma nikubhala phansi. KwabaseKorinte besiBili . . . 2 kuya kwele 4. UPawulu wahlwithwa ngolunye usuku, e . . . wangena embonweni, naye. Benikwazi lokho na? Futhi wabona izinto ayengafanele ukuba akhulume ngisho ngazo; iminyaka eyishumi nane, akakaze ngisho akubalule. Niyabo? Kodwa lalela umehluko phakathi kwazo.

119 Lokho uPawulu akubona, wenqatshelwa ukuba akhulume ngakho noma ukuba akukhiphele umphakathi. O, he! Angikholwa ukuthi wayengakwenza. (Ngoba, uhambo oluncane engaluthatha ngolunye usuku, angikaze ngikwazi ukukuyeka futhi angisoze ngakwenza.) Niyabona, wa—wabona izinto

ayengeke akhulume ngazo. Ngicabanga ukuthi wayengenawo amazwi uku. . . wahlwithelwa kwelesithathu amazulu, noma kunjalo. Niyabo, phezulu kwelesithathu iZulu.

120 Kwehluke kangakanani ngenkathi uJohane ahlwithwa futhi wabona uJesu, waye. . . Wathi, "Kulobe encwadini lokho okubonileyo bese ukubuyisa, ukuthumele emuva emabandleni." UPawulu wenqatshelwa ukuba akhulume, futhi uJohane waze wacelwa ukuba akulobe encwadini ukuze kuzohamba kwehle yonke iminyaka. O, he! Kwembuliwe manje, ukuba kwembulwe kulolu izinsuku zokugcina. Kwakungembuliwe ezinsukwini zakhe, kwembuliwe manje njengoba siqhubeka.

121 O, futhi qaphelani, uJohane, enyuswe masinya ngemva konyaka webandla, kwakungumfanekiso weBandla elihlwithiwe. Masinyane emva kokuba unyaka webandla usuphelile, loNyaka weBandla laseLawodikeya, bese kuza uHlwitho. IBandla lenyuka njengoba kwenza uJohane, lingena eBukhoneni bukaNkulunkulu. O, he! Whewu! Lokho nje kuvunguzisa umphefumulo wami. Hlwithwa, ohlwithweni leBandla! Futhi Kwathi. . . Le ndawo, iNcwadi yeSambulo, yalotshwa, niyabo, ekupheleni konyaka webandla.

122 Manje, nginokuthile okuncane lapha engifuna ukukucacisela okuthile lokho okube yihange lakudala isikhathi eside phakathi kwamaKristu amaningi. Futhi ngicabangile namhlanje, ngenkathi bengitadisha, ngibhala imiBhalo, futhi ngithola amagama nemibala eyahlukahlukene nezinto. Sizongena kuzo ngemuva kwesikhashana, amathingo enkosazana nezimpawu, nokunye nokunye. Bengibhala le miBhalo lapha ukuze ngikwazi ukubheka emuva kuyo futhi ngibhekisele kuyo, uma ngi. . . ngiqhubeka. Ngoba, imvamisa, ukuba bengizokhuluma ngokuthile okufana nalokhu, benginga. . . bekuzoba okwehlukile, bengizozama ukukwazi ngenhliziyo. Kodwa le ndlela, lapho nje unesikhathi esincane, ngithanda ukubhekisela kukho ngoba kuhamba yonke indlela kudlule emiBhalweni, emuva naphambili.

123 Manje, kuMathewu 16:13, sithola lokhu, uma wena obhala imiBhalo phansi. UMathewu. . . Uma ufuna ukubuya. . . uma ufuna ukuphenya kukho, kulungile, uMathewu 16:13. Ku. . . O, sizophenya emuva bese sikufunda, khona-ke sizoba nakho impela. UMathewu isahluko 16, nevesi 13. Lalelisisani manje njengoba sifunda u 16:13, "UPetru esefikile. . . " Noma:

> *UJesu esefikile* kuwo *emaphandleni aseKesariya Filipi, wababuza abafundi bakhe, wathi, Abantu basho. . . Mina iNdodana yomuntu* ingubani *na?*
>
> *Bathi, Abanye basho. . . unguJohane uMbhapathizi: abanye, basho u-Eliya; abanye, basho uJeremiya,* futhi, *noma omunye wabaprofethi.*
>
> *Wathi kubo, Nina-ke nithi ngingubani na?*

*USimoni Petru waphendula wathi, Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.*

*UJesu waphendula wathi kuye, Ubusisiwe wena, Simoni kaJona:. . . inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba osezulwini.*

*Nami-ke ngithi. . .kuwe, Wena unguPetru, phezu kwaleli dwala ngiyakulakha ibandla lami; amasango ehayidese awayikulahlula.*

*Futhi* manje. . .*Futhi ngiyakukunika izihluthulelo zombuso wezulu:* o*yaku*k*ubopha emhlabeni koba kuboshiwe nasezulwini:. . .* o*yaku*k*ukhulula emhlabeni koba kukhululiwe nasezulwini.*

*Khona wabayala abafundi ukuba bangatsheli muntu ukuthi nguye uJesu onguKristu.*

124 Lalelisisani manje. Kulungile. "Isikhathi siqala. . .Kusukela kuleso sikhathi Waqala. . ." Ngifuna ukuthola okunye, ningakufunda kuqhubeke kwehle, tholani ivesi 28 lapha, ngoba ningafunda konke uma nifika ekhaya.

*Ngiqinisile—Ngiqinisile ngithi kini, Bakhona abanye kwabemi lapha, abangayikuzwa ngempela ukufa,* baze *bayibone iNdodana yomuntu iza embusweni wayo.*

125 O, cabanga ngakho! "Abanye bemi lapha, *abanye* bemi lapha, abayikuzwa ukufa baze bayibone iNdodana yomuntu iza eMbusweni waYo." Isitatimende esinjani pho! Ukuthi umgxeki uthanda kanjani ukucosha lokho bese eyakhombisa nje ukuthi uyisimungulu kanjani, niyabo. Uthanda kanjani ukukubamba lokho, futhi sekufike kwedlula futhi babengazi lutho ngakho. Niyabo? Kulungile.

126 Ngemuva kokuvuma kwedwala likaPetru, esaziyo ukuthi ukuvuma kwakhe ku. . .Wayezokwakha iBandla laKhe kuleli dwala elifanayo. Hhayi uPetru, eyitshe elincane, njengoba iRoma eliKatolika lizama ukusho. Kodwa ukuvuma kukaPetru kweSambulo, lelo yiBandla. UNkulunkulu uzoKwambula; hhayi ukuvuma kwalendoda, ngoba kamuva wahlubuka. Hhayi ukuvuma ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu; ngoba babazi ukuthi wayeyiNdodana kaNkulunkulu, uPetru wavele wakusho. Kodwa okwakuyikho, kwakuyi, iSambulo esasembuliwe sivela eZulwini ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Wathi, "Inyama negazi akukufundisanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala, lelo dwala lokuvuma, Ngizolakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikulithinta. . .aLahlule."

127 Ngithemba ukuthi asiphelelwa isikhathi ngokushesha kakhulu lapha manje, ukuthi singafinyelela kulokhu ngqo. Futhi sifuna ukubona ukuthi lokho kugobhoza kungene kanjani esidalweni esingumuntu. Yindaba enhle khona lapha uma nje

singafinyelela kukho. Kulungile. Yebo, ukuvuma kwedwala, lokho uPetru ayeyikho . . . Wayezokwakha iBandla laKhe phezu kokuvuma kukaPetru. Wathi, "Abanye abemi lapha abayikuzwa ukufa baze babone i—iNdodana kaNkulunkulu ingena eMbusweni waYo."

128 Manje, khumbulani, Wakhuluma "abanye." Lokho kwakungaphezu koyedwa, akunjalo na? *Abanye* kuyoba ngabaningi, "ngaphezu koyedwa." Kodwa manje bhekani, bonke abafundi baKhe wayemi lapho, futhi Wayebuza ngamunye wabo, "Nicabangani nga*lokhu* na? Futhi nicabangani nga*lokho* na?" Kodwa Wathi, "Kukhona kwabanye benu kwabemi lapha, abanye bemi lapha, abangayikuzwa ukufa baze babone iNdodana yomuntu ingena eMbusweni waYo." O, he! Isitatimende esinje pho! Cabanga, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule lokho kwashiwo.

129 Ngabe ku . . . kuyo . . . Ngabe iZwi likaNkulunkulu alehluleki na? Lonke iZwi Alisho liyofezeka na?

130 Manje, uma sifuna, phenyani ngale khona-ke esahlukweni 17 sikaMathewu ngokulandelayo. Ngenkathi Ethathe . . . Ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, benyukela entabeni, bebodwa, ukuze babe ufakazi. UPetru, uJakobe, noJohane; futhi babona uMbuso kaNkulunkulu uza ngamandla, babona ukuza koMbuso kaNkulunkulu ulungiselelwa. Amen! O, bangeniswa ekubonakaleni kokubuka uMbuso kaNkulunkulu, ulungiselelwa lapho Uza, ukungeniswa kweminyaka eyiNkulungwane. Bakubonile ukulungiselelwa.

131 Esikhathini esithile esedlule . . . isigejane sabefundisi, u-Oral Roberts wayengomunye wabo. UCecil B. UDeMille, ngesikhathi ebhala le *Miyalo Eyishumi*, wabiza uMfowethu Shakarian, uMfowethu Roberts, abashumayeli abaningi ukunqamula izwe, noma yimuphi umshumayeli wayengafika, futhi wabamema ukuthi bangene esitudiyo ngaphambi kokuba isithombe size sikhishwe, futhi ababonise ukulungiselela kwakho ngaphambi kokuba saze sakhonjiswa, lapho babekhokhisa amadola angamashumi amabili nanhlanu ithikithi. Kodwa yena . . . Babona ukulungiselelwa kwakho, ukuze bengadlulisa umbono wabo wokuthi ngabe kwakukhona ukugxeka ngakho noma okwakungashiwo, nokunye nokunye. Basibona ngaphambi kokuba umphakathi usibone.

132 Futhi uJesu wathi, "Abanye benu bemi lapha" (Amen!) "abangayikuzwa ukufa baze babone uMbuso kaNkulunkulu uza ngamandla," noma, "babone iNdodana yomuntu iza eMbusweni waYo," njalo. "Babone iNdodana yomuntu iza eMbusweni waYo!" Izinsuku ezimbalwa emva kwalokho, Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, base benyukela entabeni ephakeme, futhi lapho Waguqulwa isimo phambi kwabo. Ilanga, elikhanyayo,

belingefane nezingubo zaKhe Ayezembethe. Kukangaki sikuhlasela ngemifanekiso, besiyokugijimisa eBhayibhelini!

133 Ungathatha umbhalo owodwa womBhalo futhi ubophele ndawonye iBhayibheli lonke ngawo. Yebo, mnumzane. Kungekho kuvuza ndawo! Konke kubhecwe ngamandla kaNkulunkulu. Udeveli ubengeke azimpintsha ngapha nangapha uma ebefanele akwenze. Kunjalo. Akakwazi ukungena kulabo bantu abangcwelisiwe oye wabeka ubufakazi babo phandle lapho futhi bakholwa eMbusweni kaNkulunkulu, futhi bathatha wonke umBhalo futhi baWubheca ngamandla kaMoya oNgcwele, baWuhlanza eGazini; izwe alikwazi ukungena kukho, udeveli akakwazi ukungena kukho. Bafile, ukuphila kwabo kufihlwe kuKristu ngoPhawu lukaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele. Udeveli angabakhathaza kanjani na? Mm! Nakhu la bekhona, kulesi simo manje.

134 Ngapha kulendawo, khona-ke, wabona ukuFika, noma ukulungiselelwa. Futhi kwakuyini eyokuqala, wabona. . . into ayibona na? Into yokuqala ayibonayo ekuFikeni kwakunguMose, emelele abangcwele abafileyo abayovuswa. U-Eliya wayemi lapho.

135 O, ngifuna niqaphele okuzokwenzeka. Nakho kwakukhona uMose, kuqala; yiyo yonke le minyaka eyisithupha abalala kuyo, iminyaka yebandla eyisithupha. Hhayi lokho kuphela, kodwa u-Eliya wayelapho; isithunywa sosuku lokugcina, neqembu lakhe, labaguqulwe isimo, abaHlwithiwe. Amen! Manje kwisikhathi esizayo; silindele ukuFika.

136 Futhi yini bonke abakwenzayo. . .? Bonke babebuthane naYe. O, he! Kwakuyini na? Isithembiso sakhe kuPetru, uJakobe, noJohane sagcwaliseka. Kunjalo. Ngoba Wathi, "Abanye bemi lapha abangayikuzwa ukufa baze babone iNdodana yomuntu iza eMbusweni waYo," futhi babona ukulungisilelwa kwakho. Khona-ke emva kwalokhu, emva kovuko. . .

137 Ngingathanda ukunilethela enye into; emva kokuba uJesu esefile, wangcwatshwa, kuJohane oNgcwele 21:20. Omunye wabagxeki waqala lokhu ngosuku lwasekuqaleni. Khona ngqo ngesikhathi sisesesifundweni, asikuhlanze. KuJohane oNgcwele 20:21, uJesu wayehlangane nabafundi baKhe, wabondla ngenhlanzi nesinkwa phezu komlilo. Futhi lapho sebekhuphuke osebeni, uJohane wencika esifubeni saKhe; futhi uPetru wabuza umbuzo, wathi, "Kuzokwenzekani kulo muntu na?" UJesu wayemthanda uJohane, uJohane wayeyindoda enothando. Wayesethi, "Kuzokwenzekani kulo muntu na? Lizoba yini ifa lakhe na? Lizoba yini ikusasa lakhe na?"

138 Futhi uJesu wathi kubo, "Kuyakuba yini kuwe uma elibala ngize Ngifike, ngize Ngibuye na? Kuyini na?"

139 Futhi abafundi benza iphutha, bathi "uJesu washo ukuthi—ukuthi—ukuthi 'wayezophila kuze kube ngukuFika.'"

140 Kodwa uJesu akazange enze phutha. Khona lapha eSambulweni, isahluko 4, uKristu waligcina iZwi laKhe! Wenyusa uJohane wangena eZulwini futhi walungiselela konke lokho kuye. Udumo! Wa—wabona umbono kungakenzeki. Wakubona kunjengokungathi wayephila emhlabeni futhi wabona ibandla yonke iminyaka yebandla ifezeka, kuya ekufikeni kweNkosi, yonke iNcwadi yeSambulo. O, he!

141 Niyabona ukuthi azinakwehlukela kanjani izethembiso zaKhe na? Manje, nikhethiwe. . . UJakobe ukuba enze lokho; uJohane, noma yimuphi kubo bonke; akavumanga ngisho nokuthi uPawulu akubone, akusho, lutho.

Wathi, "Kuyini kuwe uma elibala ngize Ngifike na?"

142 Futhi kungukuthi sebesho lokho, Wavele wakhetha uJohane wase emenyusa futhi wamtshengisa yonke into ngaphambi kokuba aze afe, njengoba nje aphila yonke into yaphela. Wamkhombisa ukuthi kuyoba yini! (Mfowethu Pat, akumangalisi lokho na?) O, niyabo, wamphakamisa. Khona lapha, isahluko 4 nevesi 2, kuyakufakazela. "Wamtshengisa izinto ezazikhona, ezikhona, neziyakuza." Wamtshengisa unyaka webandla, ukufika kwamaJuda, ukuthululwa kwezinhlupheko, uHlwitho, uKubuya, nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, neKhaya laPhakade labaSindisiweyo baKhe; kunjengokungathi wayephila ezansi kuyo yonke into, futhi wakubona kwenzeka konke. Niyabo? Niyabo? Wavele wamenyusa wase emtshengisa i—i—ifilimu Ayidlalayo, wambonisa yonke into ilungiselelwe. O, he!

143 Wahlwithwa. Wagcwalisa isithembiso saKhe e—eSambulweni 4:2. Ngaphambi kokufa kwakhe wahlwithelwa kuMoya futhi wabona izinto kungathi wayekade ephila. U—ukubone konke kulungiselelwa. Kanjalo wabona, embonweni, khona ngqo obekuzokwenzeka nalokho okwenzeka emhlabeni kusukela kuleso sikhathi kuze kube ukufika kweNkosi uJesu. Wamtshengisa khona embonweni.

144 Ngakho-ke abafundi. . . noma akekho owake washo ukuthi Wathi Uyofika kulowonyaka. Wathi, "Kuyini kuwe uma, (uma kungenjalo), uma elibala ngize Ngifike na?" Wabe-ke esemnyusa futhi nje walungiselela into kuye futhi wamtshengisa okwakuzokwenzeka. O, ngiyakuthanda nje lokho. Mm. O, he!

145 Qaphelani manje, asibone ukuthi kwakuyini lokhu:

> *Masinyane ngaba kumoya: futhi, bheka, isihlalo sobukhosi sasimi ezulwini, nohlezi* phezu kwaso, phezu *kwesihlalo sobukhosi.*

146 Kwabakhona i "Phimbo" elambiza. O, leloPhimbo! O, angikwazi ukusuka kulokho, leloPhimbo laLowo ongemuva kwakhe. Khona-ke waqalaza lapho, futhi Wamtshengisa yonke iminyaka yebandla, ngoba wayemi phakathi eminyakeni

yebandla, izinti zezibani eziyisikhombisa zegolide. Wabe esezwa leloPhimbo ngemuva kokuba iminyaka yebandla seyiphelile; lelo Phimbo lashiya umhlaba, lenyuka. Lapho Engena eNkazimulweni, waMuzwa ethi, "Yenyukela lapha! Ngizokutshengisa okumelwe kenzeke emva kwalokhu." O, he!

147 LeloPhimbo! Asikhulume ngaleloPhimbo umzuzu; ngineminye imiBhalo ebhalwe phansi lapha. Asiye kwabaseThesalonika bokuQala 4, futhi nje silalele ngapha ukuthi leliPhimbo lizothini. O, sonke siyazi ukuthi Lizothini, ngaphandle. . .ngaphambi kokuba sikufunde, asinjalo na? Siyazi ukuthi kuzokwenzekani. "Icilongo likaNkulunkulu liyakuzwakala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka." Ngabe kunjalo na? Wena okubhala phansi, kwabaseThesalonika bokuQala 4:16 ne 17, "iPhimbo," leloPhimbo laliyiPhimbo likaKristu. Ngabe kunjalo na? IPhimbo likaKristu!

> *Ngokuba i. . .*icilongo *likaNkulunkulu liyakuzwakala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala:*
>
> *. . .thina esisekhona sisasele siyakuhlwithwa kanye nabo. . . sihlangabeze iNkosi emoyeni; kanjalo-ke siyakuba nayo iNkosi* njalo njalo.

148 IPhimbo elifanayo elabiza uJohane, "Yenyuka," iPhimbo elifanayo elathi kuJohane, "Yenyuka," yiPhimbo elifanayo elizobiza iBandla ngolunye usuku (Amen!), libiza iBandla.

149 Kanti, iPhimbo elifanayo elabiza uJohane ukuba akhuphuke, yiPhimbo elifanayo elabiza uLazaru owayefile aphume ethuneni, leloPhimbo elifanayo lengelosi enkulu. UKristu uyiPhimbo lengelosi enkulu, "Iphimbo le ngelosi enkulu," niyabo. O, leloPhimbo lecilongo likaKristu labiza uJohane ukuba akhuphuke, iPhimbo elifanayo elabiza uLazaru. Nike naqaphela ethuneni likaLazaru, Wakhuluma ngePhimbo elikhulu. (Hhayi nje ukuthi, "Lazaru, vuka.") "*Lazaru, vuka*!" Lambiza waphuma kwabafileyo.

150 Futhi waphendula, "Ngilapha." Futhi waphuma kwabafileyo, emva kokuba wayesefile futhi nomzimba wakhe ubolile.

151 LeloPhimbo elifanayo lathi kuJohane, "Yenyukela lapha, Ngizokutshengisa izinto ezisazokwenzeka."

152 LeloPhimbo elifanayo eliyozwakala lapho abafileyo kuKristu beyakuvuka, "Ngokuba icilongo. . ." Icilongo! Yini icilongo na? IPhimbo likaKristu, eLifanayo elazwakala futhi lambiza ukuba akhuphuke. Wezwa iPhimbo kungathi elokukhala kwecilongo futhi lathi, "Yenyukela lapha!" Niyabona ukuthi uvuko luzoba njani na? Kuyoba ngumzuzwana, ngokuphazima kweso. LeloPhimbo elizwakalayo elicacile, futhi Uzobiza iBandla, ememeza, "Phumani kukho." LeloPhimbo

elikhulu elibizayo. Nkulunkulu, ngisize ukuba ngiLizwe ngalolo suku.

153 Njengoba bengihlale ngisho . . . Ngiyazi, njengofayo, uRodney, ngiyazi ukuthi kunomnyango omkhulu omnyama obekwe phambi kwami, ubizwa ngokuthi ukufa. Ngaso sonke isikhathi inhliziyo yami eshaya ngaso, ngisondele ngokushaya okukodwa kulowo mnyango. Ngolunye lwalezi zinsuku ngifanele ngingene kuwo. Kodwa angifuni ukungena njengegwala, ngikhala kakhulu futhi ngimpompoloza. Ngifuna ukungena kulona, ngizisonge ngezingubo ezinde zokulunga kwaKhe, ngazi lokhu: ukuthi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe; ukuthi ngolunye usuku lapho Ebiza, ngiyophuma phakathi kwabafileyo; lapho Engiyala ukuba ngivele kweliPhezulu, lapho icilongo likaNkulunkulu liyokhala nabafileyo kuKristu bayakuvuka, uma ngiphila, ngiyoguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi ngiyakuhamba kanye nabo bonke, senyuke ukuhlangana neNkosi emoyeni. LeloPhimbo lecilongo, lizwakala ngokucacile, kakhulu. Mm. O, kuzoba ngelifanayo, elifanayo ekuFikeni kwaKhe.

154 Akukho msindo ongaqondakali ngaLo. Kwakungekho lutho olwalungaqondakali kuJohane ngenkathi esezwe leloPhimbo lithi, “Yenyuka!” futhi weza. Amen.

155 Ngenkathi uLazaru, ekufeni, ethuneni; futhi umphefumulo wakhe, uhambo lwezinsuku ezine ndawo ndawo, angazi ukuthi kwakukuphi, angicabangi ukuthi noma yimuphi kithi uyazi. Nomaphi lapho kwakukhona, akwenzanga nayimuphi umehluko omncane. Wavele nje wenza ukubiza okukodwa kumuntu ukuthi izibungu zesikhumba zazidla umzimba wakhe; enuka, ethuneni. LeloCilongo elizwakalayo elicacile lathi, “Lazaru, phuma!” Nanso indoda, ifile futhi ibolile, yazishukumisa futhi yaphuma ethuneni, ihamba. Akukho lutho olungaqondakali ngalokho, ngabe kukhona, bazalwane na? Akukho kungaqondakali kukho lapho!

156 Yinto efanayo kulobubusuku, lapho iPhimbo elizwakala ngokucacile lithi, “Soni, phenduka, Ngizokunikeza ukuPhila okuPhakade.” Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isipho sikaMoya oNgcwele. Lokho ngukubiza. Akukho lutho olungaqondakali ngakho.

157 Ngingufakazi ukuthi Kuyiqiniso. Bakhona abanye ofakazi, izigidi zabo emhlabeni jikelele namhlanje, lowo ongufakazi ukuthi yiQiniso. Lapho kufika iBhayibheli, amaZwi kaNkulunkulu, lonke iZwi likaNkulunkulu liyicilongo. Konke ukuzwakala kweZwi yicilongo, icilongo leVangeli. Futhi lapho Lizwakala, yiQiniso. Lapho Lithe, “uJesu Kristu, unguye

izolo, namuhla, naphakade," akukho lutho okungaqondakali ngaLokho. Usenguye! Yebo, mnumzane.

158 "Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Akukho lutho olungaqondakali ngaLokho.

159 "Ozwa amaZwi aMi akholwe ngongithumileyo unokuPhila okuPhakade. Ophila futhi akholwe nayiMi, noma efa uyakuphila. Ophila futhi akholwe yiMi akayikufa nokufa. Uyakholwa yilokhu na?" Akukho lutho olungaqondakali ngalokho, "Uyakuphila!"

160 "Lowo odla inyama yami futhi aphuze iGazi lami unokuPhila okuPhakade, futhi Ngizobuye ngimuvuse ngosuku lokugcina." Akukho lutho olungaqondakali ngaLo; lutho; Ngumsindo oqondakalayo.

161 O, ngiyaLazi, ngaLizwa likhala enhliziyweni yami ehluphekayo yom-Irishi ngolunye usuku, mina, isoni esidadlana. Kwakungake kungenzele ini na? Kodwa ngaLikholwa ukuthi kwakumsindo oqondakalayo, ngaLemukela. Ngingufakazi wokuthi Liqinisile.

162 Ngelinye ilanga Uyosibiza futhi, sizodlula siphume ezweni. Ngoba akukho lutho okungaqondakali nga*lelo* cilongo. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane, akukho msindo ongaqondakali, nganoma yisiphi isikhathi.

163 Uyazwakala namhlanje lapho Esibiza, Lisafana nje lapho Esitshela noma yini.

164 Manje, asibuyele evesini:

> *Futhi* i. . .*bheka, isihlalo sobukhosi sasimi ezulwini,*. . .(ivesi 2). . .*nohlezi phezu kwaso.*

165 Qaphela, "isiHlalo sobukhosi," Ohlezi esiHlalweni sobukhosi. Wayengasekho emuva phansi ezintini zezibani manje, emhlabeni. UHlwitho lwase luvele lufikile. WayeseNkazimulweni, ehlezi esiHlalweni saKhe sobukhosi. Ngifuna niqaphele phansi, sizothola ngisho nasesahlukweni 5, kwakungesiso isiHlalo sobukhosi somusa. Kwakungesesiso isiHlalo sobukhosi somusa manje, kwakuyisiHlalo sobukhosi sokwahlulela. Kwakungesiso isiHlalo sobukhosi somusa, yisiHlalo sobukhosi sokwaHlulela ngoba umlilo nokubanika kanye nemidumo iphuma kuso; akusekho, umusa usuphelile, unyaka weBandla usuphelile. "Ongcolileyo makahlale engcolile njalo; olungileyo makahlale engolungileyo njalo; ongcwele makahlale engcwele njalo," asisekho isiHlalo sobukhosi somusa.

166 Kulobubusuku, iGazi lilele kuleso siHlalo sobukhosi futhi yisihlalo somusa sawo wonke umoni ofuna umusa. Kodwa ngalolo suku, ngeke kwaba yisihlalo somusa khona-ke, kuyoba isihlalo sokwahlulela noNkulunkulu othukuthele ehlezi lapho. "Lapho. . .Uma olungileyo esindiswa ngengcuphe, siyovelaphi

isoni nongamesabi uNkulunkulu na?" Ngisho noma Eza emafwini enkazimulo yaKhe, izintaba zizozama ukuthola indawo yokucasha. *Thina* sizohlalaphi, khona-ke na?

> O, kuligugu lokho kugeleza
> Okungenza ngibe mhlophe njengeqhwa;
> Awukho omunye umthombo engiwaziyo,
> Lutho kodwa iGazi likaJesu.

167 O, he, isifundo esinjena pho! Akukho msindo ongaqondakali! NesiHlalo saKhe sobukhosi:

> . . .*na*Ye *ohlezi esihlalweni* saKhe *sobukhosi*. (Akasekho lapha.)

168 Manje, lokho ngenye into, kungubufakazi bokuthi iBandla liyahlwithwa ngaphambi kweNhlupheko eNkulu. Niyabo? Ngani? Nangu UsesiHlalweni saKhe sobukhosi eNkazimulweni, neBandla selihambile, bese-ke kuza eNhluphweni.

169 Bengihlale ngisho lokho ezinsukwini zikaNowa, uNowa wayesemkhumbini ngaphambi kukuba kuwe iconsi elilodwa lemvula. ULoti wayengaphandle kweSodoma ngaphambi kokuba kuwe umlilo. Futhi iBandla lizoba seNkazimulweni ngaphambi kokuba liwe i-athomu. Kunjalo, ngaphambi kukuba kuwe i-athomu.

170 Uthi, "Kuthiwani ngalokho kokuqala na?" Kwakungabahedeni, hhayi amaKristu.

171 Manje, qaphelani. O! Uwuqedile umsebenzi waKhe emhlabeni futhi Uthathe iBandla laKhe, futhi manje Uthumela ukwahlulela. Izwe laMenqaba, futhi Uthumela ukwahlulela kwaKhe. Yena neBandla laKhe sebeye eNkazimulweni.

172 UJohane, lapho esiqhingini sasePatmose, umambuli ebandleni, ube umfanekiso weBandla eliphakanyiselwe eNkazimulweni, "Yenyukela lapha!" Kubonisa . . .

Wena uthi, "Wayemelele iBandla na?"

173 Kuwo wonke ozwa leliZwi, uJohane wammelela. Amen! UJohane wayengummeleli weGazi likaJesu Kristu, ubufakazi beZwi. Wayengufakazi wombhaphathizo kaMoya oNgcwele, enenhlanganyelo noKristu, futhi wayemelele iBandla lonke; ukuthi, wonke owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane oke wakholwa nguKristu, waMamukela ezisekelweni ezifanayo, uzobizwa ngolunye usuku, "Yenyukela lapha!" hlwithwa ngaphambi kweNhlupheko. Khumbulani, isikhathi seNhlupheko asikangeni okwamanje.

174 Lesi kuyisikhathi, ukuhlelwa kokwahlulela. UJohane uyakhonjiswa manje okuzokwenzeka emva koNyaka weBandla. Niyabo? Ngakho-ke, kwaba njalo.

175 Manje, qaphelani futhi evesini 3, noma ele 2, "IsiHlalo sobukhosi sasimi eZulwini, futhi Ohlezi phezu kwesiHlalo

sobukhosi." Manje, uMoya ofanayo owawusemhlabeni, wawususukile futhi waya eNkazimulweni, futhi wawuhleli (uJesu ofanayo onathi kulobubusuku) emseni, wawusuhambile waya eNkazimulweni futhi uhlezi esiHlalweni sobukhosi.

> *Nohlezi* esiHlalweni sobukhosi *wayefana netshe lejaspi ne. . .itshe lesardiyu: nothingo lwenkosikazi* luzungeze *isihlalo sobukhosi, lufana nesimaragidu ukubukeka kwalo.*

176 Ngizoyeka, ngoba kukhona abanye abafowethu abazoshumayela.

Mhlawumbe ngizocosha lokhu ekuseni, khona lapha. Futhi ngakho-ke, "ukubukeka kwemaragidu." O, he! O!

> Nabantu cishe ndawo zonke,
> Abanhliziyo zabo zonke ziyavutha (Anikuthandi lokho na?)
> . . .mlilo owehle ngePhentekoste,
> Owahlanza wabenza bahlanzeka;
> O, usuyavutha manje ngaphakathi kwenhliziyo yami,
> Udumo eGameni laKhe!
> Ngijabule kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi ngingomunye wabo.

177 UJohane, wabizwa futhi wayalwa iNkosi uJesu, wathenjiswa uNkulunkulu emuva lapho ukuthi uyobona ukufika kweNdodana yomuntu. UPetru, uJakobe, noJohane, nabo bemi bekhona, lapho uJesu ekhulume nabo futhi wathi, "Kunabanye abemi lapha abangayikuzwa ukufa baze babone iNdodana iza." Akazange athi "bonke" owayemi lapho, kodwa "omunye." Futhi bahamba, ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, futhi babona ukuhleleka kovuko kulungiselelwa, nokufika kweNkosi.

178 U-Eliya wayemelele abangcwele abafileyo. . .ngiqonde uMose, futhi bavuswa. U-Eliya wamelela isixuku esiguquliwe. Khumbula, uMose wayengowokuqala, bese kuba ngu-Eliya. U-Eliya wayezoba yisithunywa sosuku lokugcina, ukuthi ngaye neqembu lakhe kwakuzofika uvuko. . .kwakuzofika i. . .awu, kwakuzofika uHlwitho, ngiqonde lokho. UMose wangenisa uvuko kwathi u-Eliya wangenisa iqembu eliHlwithiwe. Futhi, lapho, bobabili babemelelwe khona lapho.

179 Futhi emva kwesikhashana baqaphela ngalesosikhathi, futhi babona, futhi uPetru wathi, "Masakhe amatabernakele amathathu. Abanye mabangene ngaphansi komthetho, futhi abanye bangene ngaphansi kuka-Eliya, futhi masihambe (abanye babo) nga*le* ndlela."

180 Futhi besakhuluma, iPhimbo lakhuluma futhi lathi, "Le yiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni." Futhi lapho sebebhekile, babona uJesu kuphela, konke kwase kufehleke

kwangena koYedwa. O, futhi WayengukuKhanya, iQiniso, iNdlela, uMnyango, uThingo lwenkosikazi.

181 O, kusasa sinesifundo esikhulu, iNkosi ithanda. Kusasa sithatha "izahlulelo"; sithatha "itshe lesardiyu," sibone ukuthi limele ini, ladlala yiphi ingxenye. Futhi sithatha i—i—i "jaspi" futhi sithatha i . . . onke amatshe ahlukahlukene, futhi sithatha konke lokhu kwehle kudlule kuHezekeli, kubuyele kuGenesise, kubuyele ngale eSambulweni, kuze kwehle kwimaphakathi leBhayibheli, ngikubophele ndawonye, la matshe ahlukene nemibala, nokunye nokunye. Bese-ke sikubuyisele emuva ngqo kulokho futhi sibone uma lokho kungenjalo. Niyabo? Sibone uma kungesiwona umbala ofanayo nakho konke, into efanayo nje. Futhi uMoya oNgcwele ofanayo, uNkulunkulu ofanayo, ebonisa izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, enza into efanayo nje njengoba Ayethembisile!

182 Watshela uPetru, uJakobe, noJohane, nabo bemi lapho, bonke abafundi baKhe, wathi, "Abanye benu abayikubona ukufa baze babone iNdodana yomuntu iza eMbusweni waYo."

183 Wathi kuJohane, wathi . . . UPetru wathi, "Uzokwenzenjani ngaye na? Yena . . . Lowo—lowomfo, kuzokwenzekani kuye na?"

184 Wathi, "Kuyini kini uma eNgibona ngifika na?" Futhi Wamvumela ukuba aphile ukuba akubone! Ngemuva kokuba bonke base befile futhi sebengasekho, uJohane waphila ukuba abone ukufika kweNkosi kulungiselelwa emandleni, sonke isigcawu sibekiwe kusukela ngesikhathi sakhe kuze kube ukwaHlulela sekuphelile nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane sesingenile. UJohane wabona nokunci kwakho, nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane sesiphelile, noNyaka woMbuso usuqalile. Ngakho-ke Uyaligcina iZwi laKhe, Akakwenzi na?

185 Sizokumaka evesini 2. INkosi ithanda, sizoqala ivesi 3 ekuseni.

Asikhothamise amakhanda ethu.

186 Bangaki kulobubusuku, kulelibandla, owaziyo, mfowethu, ukuthi, (dadewethu), ukuthi uzobizwa ngolunye usuku, noma ngabe ulungele noma qha? Noma ngabe ulungiselele noma qha, uzobizwa ukuba uhlangane noNkulunkulu. Lelocilongo lizokhala; futhi lapho likhala, liyokhalela ukulahlwa kuwe, lapho ungasayophinda uphile futhi uyohlushwa emigodini kadeveli yesihogo mhlawumbe ezigidini zeminyaka, noma liyobiza ukuba uze kweliPhezulu ukuhlangana nabaNgcwele abakhazimulayo.

187 Ngokuqinisekile nje njengoba uNkulunkulu wagcina iZwi laKhe kuPetru, uJakobe, noJohane; ngokuqinisekile nje njengoba WaLigcina kuJohane othandekayo, umambuli; ngokuqinisekile nje njengoba Agcina isithembiso saKhe

kuyo yonke iminyaka yebandla; yilokho kuqiniseka ukuthi Wathembisa kulolu izinsuku zokugcina ukuthi Uyothumela imvula yakamuva futhi iyobuyisa lowoMoya ofanayo owawuphezu komhlaba kuYe, ukuKhanya kuyakufika ngesikhathi sakusihlwa futhi kukhombise aMandla afanayo, izibonakaliso ezifanayo, nakho konke Akwenza osukwini lwaKhe Uyokukhombisa futhi lo "Mnyango ovuliwe" ngosuku lokugcina.

188 Nanku! SinaWo kanye nathi manje, uMoya oNgcwele, uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Wena u. . . Uyakushumayeza, Uyakufundisa, Uzama ukwenza wena ubone okulungile nokungalungile. NguMoya oNgcwele qobo lwaKhe ekhuluma ngezindebe zomuntu, esebenza phakathi kwezidalwa ezingabantu, ezama ukukhombisa isihe nomusa.

189 Futhi awukaMemukeli namanje, futhi ngalobubuSuku obandulela uNyaka oMusha ungathanda ukuphakamisa izandla zakho kuNkulunkulu bese uthi, "Nkulunkulu, mangamukele aMandla ayekuJohane umambuli, ukuthi lapho ngibizwa ukuba ngize ngizovela phambi kwaKho ngokuthula njengoba enza"? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kulo lonke nje ibandla. UNkulunkulu akubusise. "Mangilungele ukuphendula ekubizweni kwami."

190 Baba wethu waseZulwini, njengoba loluSuku olwandulela uNyaka oMusha. . . cishe nje amahora amabili manje futhi kuzobe sekuphelile, kuzoba unyaka omusha. Esikwenzile kulonyaka sikwenzile. Izinto eziningi engizenzile, lokho, nginamahloni ngami uqobo; ngiyaphenduka ngalokho, Nkosi.

191 Futhi kunezinto eziningi engizenzile ukuthi abaningi babazalwane bami abaziqondanga. Abaningi babafowethu phandle emasimini abaqondi ukuthi kungani ngizenzile. Kodwa, Baba, ngizenze ngoba ngaholwa ukuba ngizenze. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Awusoze wangivumela ngibe namahloni ngalokho kuhola. Kodwa ngiholele phambili, Nkosi, ukuba ngiqhubeke nokwenza njengoba ngiholwa ukuba ngenze. Ngisize, Nkulunkulu, ngoba ngifunisisa ngobuqotho ukwazi intando yaKho, ukuthi ngingase ngikwenze ukuletha (njengoba Ungitshengisile eminyakeni eminingi edlule lapho ngishiye lelibandla) iSinkwa sokuPhila kubantu bezwe. Lapho ngibone leyontaba enkulu yeSinkwa, nabaNgcwele abembethe izingubo ezinde ezimhlophe beza bevela kuwo wonke umhlaba ukuzodla lesiSinkwa sokuPhila. O Nkulunkulu, ake—O Nkulunkulu, ake ngingahluleki neze, neze ukondla abantu ngeSinkwa sokuPhila.

192 Busisa le miphefumulo elambile phakathi lapha ephakamise izandla zayo khona manje nje. Bafunisisa okungaphezulu kokuPhila. Ngikhulekela ukuthi Uzobagcwalisa ngoMoya oNgcwele, Nkosi, ngamunye wabo. Nkulunkulu, siphe khona. Banikeze izibusiso. Siza abazalwane bethu, ndawo zonke.

193 Busisa abafowethu abakhonzisayo olungiselela ukwenyuka futhi, manje emizuzwaneni embalwa, abanye bazobe bekhuluma. Sikhulekela ukuthi bazonikezela ngeSinkwa sokuPhila kithi kulobubusuku, Baba, njengoba sizolalelisisa futhi ngenhlonipho yokuzithoba ukuzwa iPhimbo. Siphe khona.

194 Sibusise. Futhi kwangathi kulokhukusa konyaka omusha ungavela namathemba amasha, uletha imicabango emisha, izambulo ezintsha, amandla amasha, o, konke. Kwangathi ungavuselelwa kithi futhi, Nkosi, ngezibusiso nezithembiso zaKho. Sizinikela thina uqobo, nomkhuleko wethu, ezandleni zaKho. NgeGama likaJesu uKristu. Amen.

Ngiyabonga, bazalwane bami nodadewethu.

195 [UMfowethu Neville uyakhuluma: "Ngiqinisekile ukuthi sonke singathokoza ukuthi besingajahe ndawo nhlobo futhi besiyokwethaba ukube siqhubeke nje nokulalela; ngokuba uMfowethu Branham lapha kulobubusuku esilethela lomlayezo. Futhi ngumyalezo osikhuthazayo ngoba siyazi ukuthi uNkulunkulu ukuwo. Amen."—Umhl.] Mayibongwe iNkosi! ["Futhi kulokhu Akushilo Uyakwazi kahle ukukwenza kuze kufike ngisho ekubuyeleni kwaKhe futhi."] Yebo. ["Futhi Uzokwenza, hhayi lokho kuphela, bengivame ukusho izikhathi eziningi ukuthi . . . sisho izikhathi eziningi kubantu, 'Uyakholwa yini ukuthi uJesu Kristu angakuphulukisa na?' futhi, kusobala, ngokuvamile ungabenza bakuvume. Kodwa into yakho ingukuthi, uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa manje na?"] Amen! ["Khona-ke ngezinye izikhathi abantu bathi, 'Awu, angazi.' Inenekazi elisanda kushona esibhedlela; ngangena ukuyolibona, ngathi, 'Dadewethu, usakukholwa ukuthi uJesu uyasindisa na?' Lathi, 'Yebo, ngisakholwa.' Ngathi, 'Uyakholwa yini ukuthi uJesu Kristu Uyaphilisa na?' Lathi, 'Yebo, mnumzane, ngiyakholwa.' Ngathi, 'Uyakholwa yini ukuthi Uyakuphulukisa manje na?' Lathi, 'Lokho angikwazi.' Futhi ngathi, 'Dadewethu, ungakwazi ngoba isethembiso singesakho.'"] Amen! ["Amen. Usenzile isethembiso. Manje, sisazokuzwa omunye wabafowethu lapha. Sinabaningana ngapha futhi lokhu . . . NgoSuku olwandulela uNyaka oMusha asinalo uhlelo oluhlelwe ngaphambili. Sivele sihlangane nje futhi sivumele uNkulunkulu ahambe njengoba Eqondisa futhi ehola."] Amen! ["Futhi niyazi, sekube isikhathi eside selokhu sezwa uMfowethu Pat Tyler futhi enikeza ubufakazi bakhe noma yini iNkosi ekubeka enhliziyweni yakhe. Futhi sizocela uMfowethu Pat ukuletha noma yini uNkulunkulu ayibeka enhliziyweni yakhe. Kodwa engakakhuphuki, umfowethu omuhle ongumKristu emuva lapho, uMfowethu Randall Hyman, futhi ulapha futhi unethalente leNkosi lokucula futhi niyazi. Ngivele nje ngamfisela ukuthi akwazi ukusebenzisa lelo thalente enzele iNkazimulo kaNkulunkulu, ngakho ngizocela uMfowethu Randall uma engenyuka futhi asiculele. Uke wasiculela kanye

noma kabili lapha futhi sizomcela ukuba asebenzise ithalente lakhe futhi kulobubusuku ukwenzela iNkosi uJesu, uma ethanda. Uma ezoza manje ukuba azosiculela. Unezingane emuva lapho esiza ukuzinakekela, kodwa mhlawumbe angasuka manje ukuba enyuke futhi asiculele. Ngenkathi esenza lokho, futhi sinoMfowethu Kinder emuva lapha; umfowethu othandekayo wePentecostal, siyajabula ngaye. Futhi sinoMfowethu J. T. Parnell emuva lapho ndawo ndawo. Ngicabanga ukuthi uhleli emuva ngqo lapha kwingaphandle lohlu. Futhi sijabule kakhulu kakhulu ngabo bonke laba bafowethu abangamaKristu alungile . . . ”] UBeeler lapho. [“ . . . bafowethu bokholo futhi asibone.”] UMfowethu Beeler usemuva lapho. [“UMfowethu Beeler usemuva lapha, futhi. Yebo. UMfowethu Beeler ulapha futhi . . . ”]

